Ngabe kambe kungelunge yini uma amaKlobo anje angaqanjwa nakwezinye izigodi na? Yinto enhle le, inika ithuba lokuba umuntu kube nosuku aluchitha efunda angekufunde ngezinye izindhlela.

Sizwa ukuthi amanye amalungu ase Mgungundhlovu ase izingqwele zeminye imidlalo.

UKUTHI ingqa-izivele lapha eSouth Africa ukuba abekhona umuntu owamkelwa ukuba abe ngummeli wamaJaji. Kwenzekile eCapetown ukuba uAlpheus Afanamuni Ndlovu wokuzalwa eMangwaneni eBergville kuleli lase Natal, amukelwe iMkantolo yamaJaji eCapetown ukuba abe ummeli wayo. Kuzwakala sengathi uzovula ihovisi lakhe ePort Elizabeth.

(Siyithola kuphepha lika March 1950 leNhlangothi yezizwe.)

UKUTHI kuvele isipolofito ngapha ngakwaBulawayo esesenze ukuba onke amaAfrika afune umjovo. Iphepha

1 "The Natal Daily News" lomhla ka 27 March, 1950, liphume nalendaba:

UMNUMZANA KAVUMANGA UMA EXWAYISWA, WAFA IINGXOBONGO

Ukufa komnumzane esabelweni sase Victoria kwaBulawayo okwavela ngendlela okwakupolofitwe ngayo abaphathi bezempilo, sekwenze abantu kuleyo ndawo bafune umjovo ngendlela engazange yenzeka ngaphambili noma ngabe kwasekushunyayelwa kangakanani abantu bexwayiswa. Kulenyanga edlule ingxobongo ibinkulu ngase Victoria, abaphathi bezempilo besebenza ngamandhla ukujova abantu.

uMkosi Shumba kayanga ukuyojova noma esebiziwe. Ophethe ezempilo wase emthumela umyalezo othi "mtsheleni ukuthi ukuba kezi azojova, uzokufa ingxobongo".

iMkosi kayisamukelanga lesosixwayiso, yahlala kayaze yaya ukuyojova. Kuthe khona kulezo nsuku yafa.

Ukusuka lapho usethi lo ophethe ezempilo uma ehamba ngeveni yakhe emiswe endheleni abafuna ukujova bacele umlingo ongabenza baphephe ingxobongo.

(Kasikholwa thina imilingo! Futhi kasikholwa ukuthi isipolofito leso sasiqonde inkosi ukuba uShumba afe! Kodwa siyakholwa ukuba kuyafuneka sibosilandela isixwayiso ngezifo kakhulu ezithathelanayo. - Umhleli.)

UKUTHI "Ikhwezi" liyakujabulela ukukhipha izaziso nangayiphi inhlangano yokusiza izimpofofana ezindaweni zeBandla lempilo - noma iyiphi inhlangano eqonde ukusiza ingabheke nzuzo kwezenhlalakahle, nezemidlalo, njalo njalo.

Ekhasini lokugcina baleli Khwezi uzofumana isicelo nesimemo seEdendale Benevolent Society ekumema ukuba ube yilungu layo. Uma uvuma ukujoyina, dabula leso simemo usipose kanye nemali oyikhiphayo.

Ungakhohlwa ukusho ukuthi ujoyina nje ngoba isimemo usibone eKhwezini.

Singathanda ukwazi ukuthi bangaki abaholwa yinkulungo yalo.

.....oOo.....

has done more, it seems, to make the Africans of this area vaccination-minded than all the orders, appeals and propaganda of years.

For the past month smallpox has been rife in the Victoria area and the health official has been busy vaccinating there.

Chief Shumba failed to appear, as instructed, at the appropriate vaccination centre and the official sent him this message: 'Tell him that if he does not come to be vaccinated, he will die soon of smallpox'.

The chief ignored the warning and within a few days he was dead.

Since then, wherever this official goes in his truck, he is stopped on the roads by Africans who have hitherto failed to present themselves at the centres, but now beg for the 'magic protection' of vaccination. "

(News item published by consent).

(We do not believe in "magic"! Still less do we believe that the so-called "prophecy" had anything to do with Chief Shumba's death, but we DO believe in taking wise precaution against infectious disease - and smallpox is a terrible thing. - Editors.)

THAT "Ikhwezi" is happy to advertise the needs and activities of ANY benevolent or charitable body in the Areas - and of any properly constituted, non-profit-making organisation or society whose purposes include social uplift, recreation, etc.

At the end of this number you will find a combined appeal and enrolment form inserted by the Edendale Benevolent Society. If you decide to join and give a donation, tear off the coupon and post it with your money. And DO mention "Ikhwezi" when you join! We should like to know how many of you are being guided by his remarks!

o-o-o-o-o-o-o-o-o-o

HERE AND THERE

Edendale

Mr. Deeplaul of Plessislaer seeks the hospitality of our columns for the following invitation:-

" The residents of Mt. Partridge (Edendale) invite the Commission's Engineer to take a drive on a wet day from the Mt. Partridge bus terminus to Mr. Gordon's corner - and to take a census of the vehicles using the road. "

(We think we know what Mr. Deeplaul means! We ourselves have seen this stretch in wet weather!)

The Commission's Engineer now uses our columns to reply:-

" It is perhaps unnecessary for me to accept the residents' kind invitation, since I have often suffered personal inconvenience on this road! However, I would assure the dwellers in this locality that the road is ON OUR LIST, and that it will one day work up to a place of first priority. I hope, at that date, to return the invitation now so kindly offered to me! "

The women's clubs in the Area have most kindly offered to help make "Ikhwezi" known to a wider public. Four copies of every issue will in future be sent to Social Worker Miss D. Kambule, who will pass them on to the four Organisers, who, in turn, will circulate them among the members of their respective Clubs.

Anyone else like to offer to help us with publicity?

A very interesting football match was played between the Indian and Coloured Football Teams at the Local Health Commission recreational grounds. The result was a draw, each side scoring 4 goals. This is a very fine augury for future Inter-Racial Matches.

Two Indian Guiders and 28 Indian Guides took part in the welcome of the Chief Guide, Olave, Lady Baden-Powell, at Lexden on the

LAPHA NALAPHAYA

e-Edendale

U Mr. Deeplaul, wase Plessislaer ucela isikhala ezinhleni zethu ukuba afake lesi simemo:-

" Izakhamizi zase Mt. Partridge (kwaPata, e-Edendale) zimema u-Njiniyela weCommission ake athi ukuhamba ngemoto yakhe mhla linile izulu, aqale lapho ibhasi igcina khona aze afike ekhoneni lakwa Mr. Gordon, abale ukuthi zingaki izimoto ezihamba ngalowo mgwaqo. "

Singathi siyazi ukuthi uthini u Mr. Deeplaul! Nathi ngokwethu sesi-wubonile lomgwaqo uma linile.

U Njiniyela weCommission uphe-ndula lapha ezinhleni zethu ngokuthi:-

" Ngingathi akuswelekile noma ngingaze ngisemukele isimemo sezakhamizi, ngoba mina qobo lwami sekuka ningana ngiphatheka kabana kuwo lomgwaqo. Noko-ke ngiyaqinisa kulezo zakhamizi ukuthi lomgwaqo usu-sohleni lwemigwaqo ezolungiswa, uma usulapho-ke, usuyoba semqoka kulolo luhla. Kethemba-ke ukuthi kuleso withuba, ngosemukela lesisimemo somusa. "

Ama-Club akulesi sifunda athe azo-size azise abantu bonke nge-"Khwezi". U Nkosazana D. Kambule, iSocial Worker, yena-ke abese liqhubela kubagqugquzeli abane bawo. Nabo futhi bolihambisa phakathi kwamalungu abo. Ukhona-nje ongasisiza ngoku gqugquzela?

Kuke kwadlalwa omnandi umdlalo lo kanobhutshuzwayo (Football) amandiya eqhudelene nama Khaladi e gcekeni lebhola lakwa Poyrandi. Waba yi-dilo, okungukuthi baze bajamelana ngama-goli amane nhlangothi zombili. Leli yibika elihle lemidlalo yezizwe ezahlukeneyo zalendawo.

Ababili bebutho lama-Indian Guiders naba-28 belama-Indian Guides nabo belekona kubingelelwa u-Chief Guide, Olave, Lady Baden-Powell, e-Lexden mhla zi-19 ku-March.

Indlu entsha yesikole emgwaqeni obange e-Willowfountain isiyasiza

ekwabeni ubisi lwazingane zama-Ndiya ezingaka fundi eskoleni lwethulelwe khona. Okwamanje kulethwa ubisi olulingene izingane ezi-50. Bese lwabiwa ngabenhlangano ebizwa ngokuthi Plessislaer Sthree Samaj.

.....oOo.....

(Siyabonga ku Mn. F. J. Mazibuko osithumele indaba emnandi axoxa kuyo ukuthi invuselelo yoMusa ihambe kanjani e-Edendale. Noma yena uMn. Mazibuko engasho ukuthi kuthiweni ngokuwukhuthalela kwakhe lomsebenzi sizwile ngonondwezane ukuthi bambongile abasunguli balomkhosi. - ABAHLELI.)

UMBIKO

ngemvuselelo yokuvikela izingozi emgaqweni, nokuba nomusa eban-twini, esiFundeni sase-Edendale.

Umhlangano owahlangana ehovisi lika Mn. C. M. Booysen ngo-15 ku-February, 1950, okwakukhona kuwo izakhamizi ezimbili zase-Edendale, yiwona owaba yintende yale mvuselelo kulesi sifunda.

Ngokungabikho kuka Mn. Booysen, kwabe sekuhlala u Mn. S. R. Dent esihlalweni.

U Mn. D. R. Dookran olilungu le-Komiti lale-mvuselelo kumaNdiya wayekhona naye. Kwabe sekuvunyelwana ukuba kwakhiwe iKomiti lase Edendale. Kuthi lezo zakhamizi ezimbili ezifikile kulomhlangano kuphenjwe ngazo.

Kwabonakala ukuthi kukhona izithiywana ezimbadiwana noko ekuqhubeni lemvuselelo, (a) ubufishane besikhathi sesime-mo, (b) uku gqagqana kokwakha kwemizi, (c) ukuntuleka kwezindhlu zemihlangano.

U Mn. Dookran wethembisa ukuthi uyosiza ngokuloba izaziso, nokuba akhulume emihlanganweni uma engamenywa. Nempela wa khuluma eSontweni lase Weseli ngomhla ka-26 February.

Kwemiswa kanje:-

1. Kwavunyelwana ngokuba lezo zakhamizi ezazikhona aba num. Ndaba no Mazibuko bameme ezinye izakhamizi zingene kule Komiti.
2. Kucelwe abaphathi bamabandla bakhulume ngalimvuselelo ezinkonzweni zabo.
3. Kucelwe kubaphathi bemishini emibili yezikhumba bavumele

19th March.

The new school building on the Willowfountain Road is now being used as a Milk Centre for pre-school Indian children. At present milk is provided for 50 children. The distribution is carried out by members of the Plessislaer Sthree Samaj.

.....000.....

(We are indebted to Mr. F. J. Mazibuko for the following interesting account of COURTESY WEEK AT EDENDALE. Mr. Mazibuko - though he did not tell us this himself! - has been officially thanked for the able and enthusiastic manner in which he threw himself into the organisation of the "Week". - Editors.)

Report on
ROAD SAFETY AND COURTESY WEEK
in the SETTLEMENT of EDENDALE

The meeting held in Mr. C. M. Booysen's office with two of Edendale's residents on the 15th February, 1950, was the beginning of the campaign in the Area.

In the unavoidable absence of Mr. Booysen, Mr. S. R. Dent presided. A member of the Indian Courtesy Week Committee, Mr. D. R. Dookran, also attended. It was agreed to form an African Road Safety and Courtesy Week Committee for the Edendale Area - the Africans in attendance constituting a nucleus of a larger committee to be recruited by the two Africans present.

Two or three obstacles, however, stood in the way of the Committee, namely, (a) the shortness of the notice, (b) the semi-rural nature of the area and (c) lack of public halls for meetings.

Mr. Dookran kindly offered to assist with the preparation of posters, and at the same time intimated that he was prepared, if invited, to address any gathering in the area. He subsequently delivered an address in the Methodist Church on 26.2.50.

The following tentative programme was drawn up:-

1. Messrs. Ndaba and Mazibuko (who attended this meeting) were to invite more residents to join this Committee.
2. The Committee was to request the

various church authorities in the area to allow addresses on road safety and courtesy to be delivered in their churches during the Sunday morning services; they were also to ask Ministers and Preachers to refer in their sermons to the subject of the campaign.

3. To approach the management of the two local tanneries with a view to the Local Health Commission Native Social Worker being allowed to address the workers employed there during the luncheon hour interval.
4. To ask the Local Health Commission for the services of its Native Social Worker and the loud-speaker for the purpose of broadcasting the announcements on courtesy.
5. To arrange for the distribution of lapel pins (slogan stickers) amongst the general public.
6. And, generally, to carry on propaganda in the area by means of personal conversation in buses, trains, etc.

This programme, most of which was in fact carried out, was discussed at a subsequent and more representative committee meeting held at the Clinic at Edendale, where it received unanimous approval.

Speakers to address the various congregations in the area were chosen for the two Sundays - 26th and 5th March. The Committee asked the District Inspector, Mr. Prozesky, to address the congregation at Georgetown on 5.3.50. This he kindly consented to do and his address was much appreciated by the audience.

The Committee resolved to wind up the week's activities by a procession on the main road in the afternoon of the 10.3.50. This was to be a procession of local schools' children. With the consent of the Education Department the schools were granted the afternoon off to enable them to gather at Wilkinson's corner, whence they started marching to the Edendale Market Square at 1.30 p.m.

On arrival here they were settled in a half-moon shape. Residents also attended. Mr. S. R. Dent, who had accepted the Committee's invitation, then addressed the audience on Road Safety and Courtesy. The audience listened attentively and

ozoshumayeza izisebenzi zakhona
ngedina ngalemvuselelo.

4. Ku celwe iBandla leMpilo lisiboleke umbhobho wokumemezela izindaba kanye ne-Social Worker u Mn. E. S. B. Msimang ahambe ememezela ngawo.

5. Kunikezwe amathikithana o"musa-uzala umusa" kubantu yonkindawo.

6. Kuxoxwe impela ngo-"musa" emabhisini nase zitimeleni-nomaphi.

Okuningi kwaloluhlelo kwafezwa! Ikomiti lahlangukana kaningana Kwashunyayelwa emasontweni ngo-March 5 umhloli wezikoli wesifunda u Mn. Prozesky beno Mn. Mazibuko bashumayela e Weseli eGeorgetown.

Ikomiti labona kufanele lomsebenzi liwuphethe ngokwenza umzungo omkhulu emgwaqeni omkhulu odabula phakathi komuzi, mhla zi-10 ku March. Ngenxa yokungabikho kwabadala besemsebenzini, kwavunyelwana ngokuba kube ngwezikole. Nimpela zaqoqana kwa Mabulala, zaholwa ngumbhobho wewayilense, ziphakamise amaduku azo, zaye zangena egcekeni le Makete - Market Square e-Georgetown, zisuke ngo-phasi-wani kwaMabulala. Kwathi ukuba kuhlalwe phansi umphathi omkhulu weMfundo yabaNsundu - u Mn. S. R. Dent, wakhuluma amazwi ahlaba umxhwele ngo "musa" kubantu, phakathi kwezizwe, ngisho nasezilwaneni.

Balisiza impela abeMpilo iKomiti ngombhobho wabo kanye nezisebenzi zabo o Mn. E. S. B. Msimang no Inspector Mn. C. Mngadi, okunguyena owa- eqhuba imoto eya ithwele umbhobho. Kwakumnyama umgwaqo ngabantu.

Igatsha lalapha, leBantu Teachers' Union lalimeme, umphathisihlalo we-Komiti u Mn. F. J. Mazibuko azokhuluma ngayo lemvuselelo, nempela wafika. Babonga.

Isonto lonke lemvuselelo yayi yindaba esemlonyeni.

Inhlangano yamaNdiya i-Nawa Yuvuk Arya Mithra Mundal isandukudlala umdlalo woku bukisa nge "Krishna Janum" - "The Birth of Lord Krishna" - e-Regent Cinema. Abadlali babe qhamuke e-Thekwini.

Izikawoti zase-Mt. Partridge (kwaPata), i-Indian Rover Scouts Crew, zihlangana njalo amaviki onke, ngenkuthalo enkulu. Seluseduze nosuku loku gcotshwa kwabaphathi-zikhundla balelibutho.

Izakhamizi zama-Ndiya lapha e-Edendale zilangazele kabi ukwakhela abantabazo isikole kuso lesi Sifunda Kungathi bangaphezulu kwekhulu abantwana bazo lapha. Izingane ezifundayo zihamba ibanga elide kakhulu, kanti nezinto zokuhamba aziziphethe kahle.

IGXUBEVANGE YEMIDLALO e EDENDALE

Ngomhla wokuqala ku April 1950 eEdendale intaka yabe ibekelwe amazolo.

Izingane zezikolo zamaNdiya, na-Bantu namaKaladi zazibuthene enkundleni yemdlalo e Plessislaer zazi yizi 4,500.

Ngalolusuku kwakuvulwa inkundla yethu entsha i Plessislaer Sports Grounds esiyiphiwe uLokela. Siyabonga baba-"Kandampemvu".

Inkundla yavulwa ngu Myangankulu Dr. R. P. Seymour owasikutaza ngokuthi asidle fumuka sidlesilaza. We lanywa uMnumzane R. Dookran owase thembisa ukusipha indebeyomncentiselwawo, eyoba isikhumbuzo sika nina ongaseko. Siyabonga (siyabacela nabanye bacabange ngaloku).

Kwathi ngemini yasekuseni kwabe sekutshunqa uthuli, kugijinwa abanye beqa Kunjeya bo.

Emini sapuza umthanya obomvu sadla namakekhe.

Sithe sesiqidile loku, sapa izingane ezingama 74 inikxomelo.

Banikezwa aba Mnu. A. G. Koch, F. J. Mazibuko no S. Dookran.

Kwathi lapo sasihamba sithekela kona, nalipo sakhothoza kona sathola ama £45.

Bonke abasizakuloku sibabonga ngazwilinye sithi "Nangomuso" Local Health Commission, nawe Rotary Club, nawe Society for Welfare of Natives, nawe Social Welfare ne Clinic yakwa Lokela. Nani Zikhulumu, nani Makandc ezikolo nabomisi benu nezingane nabazoli nawe Sutherlands Police Station. Kanye noBaba ongaphezulu owa phenya amafu ezulu lakho siyabonga.

.....oOo.....

EZASE-CLERMONT

I-Advisory Board isibuye yalikhumbuza iBandla leMpilo ngokuswelaka kwompheme lapho ku dileselwa khona ambhasi, e renkini. Nempela akumnandi neze ukuma emvuleni umuntu elinde ibhasi eya emsebenzini. Kulinginiso futhi ukuthi kuyingozi empilweni yomuntu ukusebenza nezingubo ezinethile. Sethemba ukuthi lamazwi, kanye nawase Waschbank nawase-Edendale, bazo wafunda abaphethe. Uma sizwa iBandla leMpilo seliphezu kwalo loludaba.

Liyamthakazela iKhwezi u Mn. L. R. Cele uthisha ophethe isikole sakwa Hulumeni, iFannin, ngokulhethwa kwakhe ukuba abe ngumbhali weAdvisory Board. Sethemba ukuthi umuzi wonke uzomelekelela kulomsebenzi womuzi azowenza.

Sizwa ukuthi emhlanganweni woku-gcina weBoard, uMn. Addison weBandla leMpilo, umbongile u Mn. J. M. Majosi ngokuphatha kwakhe isikhundla sakhe sobubhali beBoard, njengoba esevalelisile nje. Siyathakozwa ukuzwa ukuthi u Mn. Majosi uzoba yilungu leBoard njalo nje.

Siyezwa ukuthi umuzi wase-Clermont nawo uyahlupheka njengabase-Edendale ngemigwaqo engalungile. Impela siyabona ukuthi ububi bomgwaqo odabula e-New Germany kanyenawo ophethwe yiBandla leMpilo, benze ukuthi ngemuva kwezimvula lezi ebe zina kungangeneki eClermont. Kubi impela loku. Noko-ke siyajabula ukwazisa abafundi bethu abalapho ukuthi iBandla leMpilo liphezu koku wulungisa ngamandla. Akusekude ukuba kubonakale abakwenzayo.

I-Club lamakhosikazi ase-Clermont laqalwa ngo-June nyakenyeseku zinyanga eziyishumi namuhla. Kusukela ngaleso sikhathi amalungu a-33, wonke asenze izingubo ezi-115. Sizwa ukuthi imihlangano ibe-15 nje, kuhamba kahle impela uma kuhamba kanjalo.

I-Khwezi lika May lizophema nendaba emnandi nge-Benevolent Society (inhlangano yokusiza izihlupheki) kulesi siFunda, eTownship Ibanjwe

ukuphela kwesikhala kuleli lanamhlanje. Siyadabuka. Kube ngumafika kuqala, kwangena efike kuqalake.

EZASE-WASCHBANK

Unngane wethu u "That' ufak'esakeni" usichathazela lezi ngemidlalo kwelakubo:-

" Ama Waschbank Roses Football Club (aphansi kwe-Dundee & District F. A.) ayenomhlangano wawo wonyaka kwakhethwa kanje:-

President.....Johannes D. Khoza
vice-President...Peter Matunjwa
Treasurer.....Joseph Marwa
Secretary.....Bax Mtinkulu
Asst. Secretary..Cable Guliwe

O Kabteni..kwaba ngo T. B. Mthembu
no Ken Nxumalo
Izithunywa..Bax Mtinkulu no T. B.
Mthembu
Ofundisa ama Klabu..Fraser Mthembu.

Sifisa sengathi zingathi ukuba ziningana ezase-Waschbank kunaloku. Asazi noma omunye we Board Yakhona ubengake athi ukusixoxela ngakubonayo ngenhlalo yakhona akusavakasheli muntu kambe khona? abakho nabathuthayo? naba-shadayo? Ikhwezi lizi thanda bakhulu zase-Waschbank ngoba bendawo ikude nalapha kubo ka-"Khwezi". Singathi singahlala sizizwa.

Stop Press! Sithe siqeda-nje ukuloba lezi zigabane ezingenhla, gatha incwadi evela ku Mn. P. H. Gcabatshe ophethe isikole sase Ruigtefontein, noyilungu leAdvisory Board. Usixoxela nazi ezinambithekayo:-

" I-Board yesiFunda seMpilo sase Waschbank isaloku izama kakhulu ukuzuzela amalungelo eBandleni le Mpilo. Kwethenjwa ukuthi imizamo veBodi ayiyukuba yize ekubambisaneni kwayo nabeMpilo.

Ukunika i-Waschbank amanzi, nokuyilungisela umgwaqo oya e-Ruigtefontein yikhona okuphambili kwezalapha. Sesiqalile ukuzwa abantu be vungazela bethi "Uma izinto zihamba kanje, kanti i-Khomishini yazokwenzani lapha?"

totalled £39. Altogether 74 prizes were given.

The organising committee has pleasure in thanking all who made this day an historical date in the sporting life of Edendale and District, viz., speakers, Principals of Schools and their staffs, the children, parents, the Local Health Commission staff (Social, Health and Clinic Departments), the St. John's Ambulance personnel who attended a number of children and the Sutherlands Police for going out of the way to help this fine day, but let us not forget to thank Old Father Weather for his pleasant face that day.

.....oOo.....

Clermont

The Advisory Board has again drawn the Commission's attention to the urgent need for bus-queue shelters at the Area terminus. It is true that it is most unpleasant to stand in the rain, waiting for a bus to take one to one's work. It is also true that to work in wet clothes is detrimental to one's health. We hope that these remarks - like certain remarks from Waschbank and Edendale in this issue - will soon catch the Eye of Authority! - As a matter of fact, we understand that the Local Health Commission has already taken steps in the matter.

"Ikhwezi" congratulates Mr. L. R. Cele, Headmaster of the Fannin Government School, on his appointment to the Secretaryship of the Advisory Board. We trust he will enjoy co-operation from everyone in the task he has undertaken for the community.

At the last meeting of the Board, we understand, Mr. Commissioner Addison paid tribute to the work of Mr. J. M. Majozi, who resigned as secretary. We are glad to learn that Mr. Majozi will continue to serve as an ordinary member.

The Clermont Women's Club was started in June of last year - just ten months ago. Since that date the 33 regular members have made something like 115 garments amongst them. We hear that the average attendance at meetings is only 15,

so this is pretty good going!

We hear that Clermont - like Edendale - is suffering from road-trouble! Indeed, we believe that the shocking state of the New Germany stretch and the Commission stretch almost cut off all access to the Township after a recent rain! This is a most unfortunate state of affairs. We are glad to advise our readers in the Area that definite steps have been taken by the Commission to remedy the position. It should not be long, now, before the first results become visible.

Our May issue will contain a most interesting contributed article on the work of the Benevolent Society in the Area. We regret that pressure on space obliges us to hold it over till next month. It has had to be a case of "first come, first published" this time.

.....oOo.....

Waschbank.

Our good friend "Thath' ufak' esakeni" has sent us further sporting news from the Area.

He reports:-

" The Waschbank Roses Football Club (Affiliated to the Dundee & District African Football Association) held its annual general meeting on the 12th March, 1950.

The following were elected office bearers:-

President.....Johannes D. Khoza
vice-President...Peters Matunjwa
Treasurer.....Joseph Marwa
Secretary.....Bax Mtinkulu
Asst. Secretary..Cable Guliwe

Captains.....T. B. Mthembu and
Ken Nxumalo

Delegates....Bax Mtinkulu and
T. B. Mthembu
Club Coach...Fraser Mthembu

We should like more news-and-views from Waschbank than we have been getting up to now. We wonder whether perhaps a member of the Advisory Board could find time to give us his comments on any matter of local or general interest. And doesn't anyone new ever come to the

Yebo. Maningi amasi athengiswa lapha. IMakethe nayo iqhuba kahle. Ukufakwa kuka-gesi ezitaladini ezithile sekwenze i-Waschbank yabukekahle yini pho ebusuku! Ngalezizinto okusaqalwe ngazo, umzi uthi "Siyabonga! Ningadinwa nangomuso. No-Oliver Twist washo njalo!"

Njengakuzo zonke izindawo, kubobonke abantu, nakuzo zonke izikhathi, abantu kabayi nganxanye. Nalapha behlukene phakathi ngentela yamarates. Abanye bayavuma ukuthela, bese bebheka ukuzuza ngaloko. Kanti-ke abanye bathi, - "Ngeke sithele nakanjani!" Kakho owaziyo ukuthi iyoza nkomoni, kokwehlulwa yiphi.

Uma iBandla leMpilo lingakha iholo ngothayela, kuthi phakathi kubekhona indawo ephakeme yokudlalala noku-culela, ingayititiliza imali. Ngokungabikho kwendlu enjalo izakhamizi zalapha ziswele ukuthi zingasichithaphi isizungu. Izindlela zonke bese ziqonda etshwaleni-ke. Akuvele onekhambi laloku bakithi!

Kuyasithokozisa yini pho ukuzwa lezi zindatshana ngezakulendawo! Ningadinwa, Waschbank! Nikhumbule njalo ukuthi i"Khwezi" leli lifundwa yiziphathimandla zezwe, okusho ukuthi ukukhuluma okuphapheme kulo kulungisela Mgomuso ukuze umqondo wenu ube nesithunzi kanye nowalo iBandla leMpilo.

EZASE-HOWICK WEST

Sizwa bethi amalungu amabutho we Indian Rovers and Boy Scout Clubs lapha ase-36, nokuthi aba-18 be Boy Scouts benzelwa umkhosi wokwemulwa mhla zimbili ku-April.

Sethemba ukuthi umkhosi wabo oyo-thatha izinsuku ezine eMqoi River uyophumelela. I"Khwezi" lojabula kakhulu ukuzwa ukuthi kuhambe kanjani, ukuze lizekele abafundi balo kwelika-May.

Ziyathokozisa futhi nezixoxwa ngokuhamba komsebenzi wezikawodi za-Bantu kwelase-Howick West. Kuthiwa ibutho le-African Scout Troop, lamalungu a-50, lisandu kuphenjwa, nokuthi u Mn. Ntombela ofundisa e-

Howick Government Native School welekelela ngokuba-fundisa laba bafana.

Sicelwe ngu Mn. S. Mayager, u-Sihlalo we-Howick West Sports Club ukuba sisho ukuthi bayabalilela o-Mr. no Mrs. Jack Govindasamy, abashonelweyi nkosana yabo ngendlela ebuhlungu kabi. Nathi sithi isigodi sonke siyabakhalela.

Siyabathakazela o Mr. no Mrs. R. Thakurden ngo ngokuphiwa indodana.

Sizwa ukuthi lesi Sigodi sizoba nomdlalo omkhulu, i)Gala Sports Day kulezi zinsukwana ezizayo uqhamisa usuku lokuvulwa kwenkundla yemidlalo iBandla leMpilo elisetshелеke yonathina base-Howick West. Sengathi lolusuku lungaba visiqaliso sezinto ezinkulu kulesi Sifunda.

Kuthiwa abantu bemi ngezinyawo belungiselela iPhasika. Amahlelo ngamahlelo alungiselela ukuba umuzi uzwe izwi elithi, "Makube kuhle kini nonke ngePhasika!"

.....oOo.....

IZINDLU ZODAKA NEZESITINI ESI-LUHLAZA EZI FUNDENI ZEBANDLA LEMPILO (KAKHULU MALUNGA NEN-DAWO YASE EDENDALE).

IBandla leMpilo loqanjwa ngon-yaka ka-1941, ngomthetho Provincial Ordinance No. 20/1941. Khona eku-sukeni lazimema izakhamizi eziphansi kwalo ukuba zibambisane nalo eku-phatheni kwalo ngokuba zikhethe amadoda eBodi (Advisory Board) ezoba ngumlomo waleyo-naleyo ndawo.

Kanjalo-ke kwaphenjwa iBodi Yokuqala e-Edendale ngo-1942.

Kuthe kusand ukwenzeka loko - iBodi isenguntwana - iBandla leMpilo (uPoynandi) lashaya imithetho elizophatha ngayo indawo yase Edendale ngesaziso Provincial Notice No. 237 ka 1942.

Njengoba-ke kwakungaka khanyeli muntu ukuthi okuyikhona yikuphi, neBodi ingazange ibenethuba loku-veza umqondo wayo, ngisho neza-khamizi-nje, kusobala ukuthi lemi-thetho yashaywa kungakhulunywanga

Area? or leave the Area? or get married in the Area?

"Ikhwezi" is specially interested in Waschbank because of its great distance from the rest of us. We should like to be brought up to date with the Area's news.

Waschbank Stop Press! - We had just written the above paragraph when the post brought us a communication from Mr. P. H. Gcabatshe, Headmaster of the Ruigtefontein School and a member of the local Advisory Board. He gives us the following interesting items of news:-

" The Waschbank Public Health Area Advisory Board is still doing its very best to get the maximum of good for the ratepayers of Waschbank from the Local Health Commission. It is hoped that its labours shall not lead to frustration of its reasonable efforts and co-operation.

" The provision of water at Waschbank and the improvement of the road between Waschbank and the farm Ruigtefontein are two burning questions around these parts. We have begun to hear talk from some sources as follows - 'If things go on like this, then, what is the Local Health Commission doing here?'

" Yes. There is plenty of Amasi selling around the town here. The market is being well patronised too. The installation of lights on a number of streets now does give Waschbank a lovely look at nights. For these initial amenities the residents, like Oliver Twist, say, 'Some more please, Sir'.

" As in all places, groups, and times there exists here a rift among the ratepayers on the question of the payment of rates. Some are ready to pay the rates and expect to reap the benefits, others just say 'We are not prepared to pay the rates, come what may'. Nobody knows which group will win the day in future.

" A recreation hall made of corrugated-iron and provided with

an elevated stage would earn some good income for the Commission if it could be erected at Waschbank. The African residents have nowhere to spend their time off duty and this leads to the two ways traffic of "tshwala" and then, of course, other things too evident to mention. Will someone see to this? "

We are so pleased to receive all these bits of information about the doings in the Area. Please keep it up, Waschbank! Remember that "Ikhwezi" catches the Eye of Authority, and that all intelligent comment on the administration of the Area paves the way for better understanding of YOUR views and the views of the LOCAL HEALTH COMMISSION.

.....oOo.....

Howick West

We hear that there are now 36 members of the local Indian Rovers' and Boy Scouts Clubs in the Area, and that no fewer than 18 Boy Scouts were invested at the ceremony held on the 2nd April.

We hope the proposed 4-day camp at Mooi River during the Easter holidays was a success. "Ikhwezi" would like to hear all about it, please, for the May number!

There is good news, too, of African scouting activities in the Area. We learn that an African Scout Troop with a membership of 50 has recently been formed, and that Mr. Ntombela, of the staff of the Howick Government Native School, is assisting with the training.

We are asked by Mr. S. Nayager, Chairman of the Howick West Sports Club, to extend that association's deepest sympathy to Mr. and Mrs. Jack Govindasamy, who recently lost their eldest son in tragic circumstances.

We take this opportunity of offering the general condolences of the Area to the bereaved family.

We offer our congratulations to Mr. and Mrs. R. Thakurdin on the birth of a son.

namuntu.

Ekusebenzeni kwayo-ke kuqale kwasetshenziwa embalwa kuphela. Kwayo-kwaya kwasetshenziwa neminye futhi. Njengoba abantu bengali fundi phela iphepha lakwa-Hulumeni - iGazette, abayaza-nga ukuthi ikhona lemithetho. Baze babona ngoba isisebenza. Sengathi yikoloko okwenza abanye bethu bathi lemitho ayifanele.

Ngizokhuluma ngemithetho yokwakha kuphela kulencwadi, ikakhulu izindlu zodaka, noma ezesitini esiluhlaza.

Kufanelekile ukusho ukuthi khona ekusukeni iBandla leMpilo labona ukuthi njengoba imvama yabantu base-Edendale benpofu nje kuzobathatha isikhathi ukuba bakwazi ukugcina lemithetho. Ngakoke okwamanje lavuma ukuba izindlu ezidilikile zivuswe ngezintingo nodaka, uma zakhiwe nge-planu yakwa Poyrandi.

Bakuthokozele abantu loku. Kodwa ubunzima obukhulu baloku busele, lobo bokwenqatshelwa ukuba umuntu.

Akhe indlu entsha yodaka, engavusi edilikile.

Lomthetho wavimbela abanini zindawo abaswele ukwakhela amadodana abo asand' ukushadelwa, namadodakazi abuye emendweni mhlaumbe ngokufelwa ngabayeni bawo, kanyeke nabanaye begazi abafanele ukwakhelwa ngulowo mninindawo.

Kuyimfanelo yobuntu, futhi kungumthetho nesiko laBantu ukuba umnini muzi abakhele abantu abanjenga labo.

Noma iBodi ikubona kona ukuthi kungakuhle empiweni ukuhlala endlini yesitini, ayikhohliwe ukuthi iningi labantu limpofu, kuyilapho iziphathimizi zicindezekile emthweni ukuba zibakhele izindlu zokuhlala; ngakoke iBodi yaphikelela njalo ukucela iBandla leMpilo ukuba livume ukuba zakhiwe izindlu zodaka noma umuntu engavusi ewile.

Malunga nendawo yase-Edendale bonke abanomqondo, nabazi indaba yakhona kusukela eluthengweni kwayo, bazovuma ukuthi abathengi bayo bokuqala babekugondile ukuba ibe yidoloba noma ingayukwenziwa izitende yonke. Loku kubonakala ngoba phakathi nayo - benza idoloba baliqamba ngokuthi - Georgetown. Linemigwaqo, nendawo yangcwaba ngisho neMakethe. Kulelidoloba loMohlalevu izindlu zalo zakhiwa njengezase thawini - eMgungundhlovu nje impela -

ngesitini esiluhlaza.

Kuliqiniso khona ukuthi uMgungundhlovu sewedlula kulelo banga. Ngenxa yamandla amafushane (ngobumpofu) i-Edendale, iselapho nanamhlanje.

Nxa sekuphethwe udabakazi lokwakha ezindaweni ezizungeze amadoloba amakhulu, ngisho imizana enjengo-Edendale no-Clermont makungalitshalwa neze ukuthi ikakhulu izikomplazi nokuminyana loku kulezi zindawo kubangwe yimithetho embili - umthetho wamazwe ka-1913, nomthetho wokuphathwa kwaBantu (ka 1921 namhlanje oso ungoka 1945) emadolobeni.

Lemithetho ibange ukuthuthekela okukhulu kwabantu kulezi zindawo, okuveze ukuminyana nezikomplazi.

Kusobalake ukuthi aBantu ba ngeze bethweswa icala ngesenzo esibangwe yiPhalamende uqobo lwayo. Kona kufanele ziqedwe zona izikomplazi. Kodwa-ke ekwenzeni njalo makuqashelisiswe kungalinyazwa abakhi abansundu balezi zindawo, kakhulu nje-gendawo yase-Edendale engabe isakhe ngokugqagqana uma kwahu nga shaywanga imithetho eyaquphula abantu emadolobeni.

Ngokubona kwe Bodi iBandla leMpilo lingasilungise isimo sokwakhiwa kwezindlu ngendlela engeze yezwisa abantu ubuhlungu uma lihamba ngalendlela yezi gaba ezintathu elandelayo:-

- (a) IBanga lokucala kube yilelo lamagogogo noma amafukwana ezindlu elibafica abantu behlala kuzo, lizophatha leyo ndawo.
- (b) IBanga lezindlu zodaka nesitini esiluhlaza, kodwa zakhiwe ngeplan yeBandla leMpilo.
- (c) IBanga lezakhiwo zesitini esibomvu, nezakhiwo zamatshe noma zikakhonkolo.

Ukuhambisa ngesu lalamabanga kungasiza ngoba kunganika abantu ithubu lokungena endleleni yokwakha kwase madolobeni, benikwa methuba lokuze babe namandla ngasezimalini zokwakha izindlu ezinjalo. Obhekisisayo useyabona namhla-nje kwe lase-Edendale ukuthi noma izindlu zisavame ukuba ngezodaka, zibukeka kangcono kakhulu kunezakugala seloku lwaqalwa ukuba nazo izindlu zodaka zakhiwe nge-plan.

Kulinganiswa ukuthi kungaregiselwa okungenani laba:-

We understand that the Area hopes to stage a Gala Sports Day in the near future to mark the official "opening" of the ground lent by the Local Health Commission for recreational purposes. We hope that the "Day" will be the start of great things for Howick West.

We hear that there were extensive preparations in the Area for the Christian keeping of Eastertide, and that various churches arranged that residents should have the opportunity of hearing, once again, the Easter Message. We hope the Season was a glad one for all concerned.

.....oOo.....

Mr. F. J. Mazibuko, vice-Chairman of the Edendale and District Advisory Board, contributes this month's article on:-

INFERIOR HOUSES
in the LOCAL HEALTH COMMISSION AREAS
(with special reference to Edendale).

The Local Health Commission was established in 1941 under Ordinance No. 20 of that year. It at once sought the co-operation of the people under its jurisdiction by inviting them to elect an Advisory Board to be their mouth-piece.

Accordingly, the first Advisory Board was established in the Edendale & District (PHA) in 1942.

Shortly after the Commission came into being, however - and while the Edendale Board was still in its infancy - the Commission caused to be promulgated its set of general regulations under Provincial Notice No. 237/1942. Doubtless because of the circumstances here shown, neither the Board nor the residents had been consulted in the framing of these laws.

At the beginning only a few of the regulations were applied. As time went on, however, more of them were enforced. The average resident, not being a reader of the Natal Provincial Gazette, did not become aware of the existence of these by-laws until he saw them applied. This is probably the underlying reason why some of us regard certain of the laws as proper "misfits".

In this article I shall confine myself to the Building Regulations governing the construction of all structures with particular reference to wattle-and-daub dwelling houses.

It is only fair to state that from the beginning the Commission realised that the average Edendale resident, mainly on account of his economic position, could not immediately adjust himself to the new conditions. It therefore permitted the erection of wattle-and-daub houses, as replacements, provided they were constructed according to plans supplied or approved by the Commission.

While this concession was much appreciated by the residents a very serious hardship still remained, namely, that no NEW wattle-and-daub building could now be erected. This condition made it impossible for land owners to provide for their newly married sons, widowed daughters, or other dependants. Morally and even legally (under the Code of Native Law in Natal) an African kraalhead is obliged to provide for such dependants.

While the Board is fully conscious of the benefits that would flow from living in substantial houses, it cannot lose sight of the average African kraalhead's moral and legal responsibilities. For this reason, therefore, it has kept on urging the Commission to extend its concession to permit new wattle-and-daub buildings, other than replacements.

In regard to Edendale, all right-thinking persons acquainted with its early history, will agree that its early Settlers visualised an urban settlement here. This is shown by the fact that from the very beginning they laid out in the best part of the farm Edendale (Wolverdient, as it was originally called) a close settlement known as Georgetown. They provided it with streets, a cemetery and a Market Square. Houses built during that time corresponded in every respect to those of Edendale's contemporary - Pietermaritzburg, for at that time Maritzburg's houses were built in raw brick like those of our own Area.

It is true that Pietermaritzburg has long since passed the raw brick stage. Unfortunately, for Edendale, on account of her economic circumstances, she has not yet been able to reach the burnt brick and con-

crete/.

1. Abathenge izindawo endaweni ep-
hethwe yiBandla leMpilo, kodwa ben-
genawo amandla okwakha izindlu
zesitini esibomvu.

2. Abanamadodana asand' ukushadelwa
namadodakazi, nezinye izihlobo ze-
gazi, abaziphethe.

3. Izikole namasonto ngenxa yokunga-
bikho kwendawo ezikoleni zabantwa-
na eseziphuphuma. Loku osekwenze
izingane zazula emigwaqeni. Ukw-
enzenjalo kungaphungula otsotsi.

Kucelwa futhi kakhulu ukuba um-
usa lo wokuba odilikelwe yindlu
yodaka abenalo njalo ilungelo
lokuyivusa ngezinti noma ngesitini
esiluhlaza.

Akukhunjulwe futhi ukuthi
izindawo ezinjengo - Edendale nje,
ngenxa yokudatshulwa kwazo kabi im-
inyaka eminingi, iBandla leMpilo
lizimisele ukuba zidatshulwe ka-
busha - (re-planned) okusho ukuthi
abaningi bazosuswa lapho bakhe khona
namhlanje. Ngakoke akufanele ok-
wamanje ukuba abantu bacindezelwe
kakhulu ukuba bakhe izakhiwo zesi-
tini esibomvu, nangokhonkolo.
Ngisho nalo iBandla leMpilo koliban-
gela omsebenzi onzima, nezindleko
ezinkulu kubuyiselwa labo bantu izi-
mali zabo.

Sizwa ukuthi loludaba lwe zakh-
iwo zodaka liphezu kwalo iBandla
leMpilo njengoba ngiloba-nje.
Sengathi sekuzobizwa iBodi ukuba
lukhulunywe nayo ngalo. Umuzi u
ulindele ngamandla ukuba uzwe nga-
loludaba olukhulu kabi kuwo.

.....oOo.....

IZINCWADI EZIBALELWE IKHWEZI.

U Mn. M. Deeplaul ulobela iKhwezi
uthi:-

iBandla leMpilo selafika-lafika.
Lizosithu-thukisa. Ngako-ke
kungumsebenzi wethu ukuba sibambi-
sane nalo. Uthi kavumelani naba-
sola kakhulu izisebenzi zakwa Pay-
nandi ngoba umsebenzi wazo ngowo-
kusiza thina. Iningi lazo liya-
menelisa. Ngakoke kazibhekwe nje-
ngezihlobo.

KuBahleli,
Be-"KHWEZI".

ISISEBENZI SEMPILO (HEALTH
ASSISTANT).

Ake ningiphe isikhala salencwadi
ezinhleni zenu.

Kuthiwa lesi sikhathi samanje
siveze imiselebzi eminingi yolwazi,
ikakhulu kwabaNsundu. Phakati
kwaleyo misebenzi kungabalwa nesi-
sebenzi seMpilo.

Isisebenzi seMpilo siyini konje?
Maningi amaAfrika, ngisho nabebala,
angayi qondi imisebenzi eyenziwa
yisisebenzi seMpilo.

Nanxa side sihambela imizi yabo,
kabasiqondi ukuthi isisebenzi se-
Mpilo siyini, sihamba njalo nje
sizama ukubafundisa ngeze mpilo.

Kulesikhadlana ngizothi qaphu-
qaphu ngichaze izihlokwana ezim-
balwa ngaso ekusivezeni kwami kini.
Isisebenzi seMpilo siyintambo
ehlenganisa iKliniki nomuzi malunga
nokuwufundisa ngezeMpilo. Ema-
Kliniki lapha kubakhona izazi ze-
mpilo. no-Nesi abasoloku bebheke
ukusiza empilweni. Ngokufishane,
ukuxazulula izinkinga zempilo
yemizi yenu, eziningi nezahluka-
hlukile.

Akesibale eminye imisebenzi
yesisebenzi seMpilo. Seluleka
umuzi ngokuhlanzeza, komuntu siqu-
sakhle nendawo ahlala kuyo, seluleke
ngosizo lomjovo; nangokuzivikela
ekufeni okuthathelanwayo. Uku-
lahla izibi ngendlela efanele ezi-
tsheni zawo nase migodini ogqit-
shwa kuyo, izindlu ezincane zanga
phandle; ukubiliwa kwabazelwe
nabafile; nokunye okunjalo. Sin-
gumsizi wakho isisebenzi seMpilo.
Musa ukusesaba. Musa ukuvala
umnyango uma siqhamuka. Si yisi-
gijimi esukulethela izindaba
ezinnandi. Sivulela isifuba sakho
ngezempilo yomuzi wakini, ngoba
iyona ndlela ezoxazululwa ngayo izin-
kinga zakho. Uthumbule njalo
ukuthi isisebenzi seMpilo ngumuntu
ophethe isikhundla sobuqotho imfihlo
ositshela yona ingephinde iphume.

Ekugxineni-ke - zikumbule njalo
lezi zinto - umbheke lomuntu -
Isisebenze se Mpilo.

I"Khwezi" liyisibusiso esinga-
ziwa-muntu, ngoba sizifunda okuningi
ngalo, ebesingakwazi: Sethemba uku-
thi ngezinhla zalo soletha impilo
ngendlela efundisayo ebantwini.

standard.

In considering the housing question as it affects peri-urban settlements such as Edendale or Clermont, we should not lose sight of the fact that the position has been seriously aggravated by the laws of the land such as the Natives' Land Act (1913), and the Native Urban Areas Act, which have brought pressure on Africans to leave towns, settling just on the outskirts where they constitute what are known as Black Belts.

It should be obvious, therefore, that the African should not be penalised for what the country as a whole has, by legislation, brought into being. It is right and necessary in the interests of public health generally, that slums must be cleared, and the Commission is charged with the duty of promoting and protecting the health of its ratepayers by eliminating slum conditions, as well as by preventing their creation. But it is strongly urged that in doing so it should take greatest care to avoid any harshness or injustice, bearing in mind that were it not for the two laws already mentioned Edendale would still be rural even now.

In the Advisory Board's opinion, the Local Health Commission could succeed in improving the housing standard in its Public Health Areas without inflicting much hardship or injustice, if it would only adopt a:-

THREE-STAGE PLAN.

- (a) The SHANTY STAGE at which the Commission often finds the area it takes over.
- (b) The WATTLE-AND-DAUB or GREEN BRICK STAGE at which houses are built according to the Commission's plans.
- (c) The SUBSTANTIAL HOUSE STAGE (burnt brick, concrete or stone)

The advantage of this plan is that it would give the African or poor non-European time in which to adjust himself to new conditions, while at the same time it makes allowance for his economic position. A careful observer can already notice some improvement in the general appearance of Edendale houses since wattle-and-daub structures were built according to plan.

It is suggested that the concession could at least be for:-

1. Persons who have bought land in the Public Health Areas, but lack adequate financial means to build substantial dwelling houses.
2. Landowners who have newly-married sons or daughters, or such other blood-relatives dependent on them.
3. Churches and Schools, because many children are now roaming the streets owing to lack of accommodation in the existing school buildings. African communities in Public Health Areas are at present not in a position to erect substantial school houses or churches. This would help to discourage the growth of juvenile delinquency.

It is also urged that the present concession, permitting the replacement of wattle-and-daub structures with buildings of the same material, should remain.

It should be remembered that, owing to the indiscriminate subdivision of land in areas such as Edendale, which has been going on for many years, no Local Authority can successfully lay water or sewerage pipes without some radical re-adjustment. The Local Health Commission has therefore intimated its intention of re-planning virtually the whole of Edendale. For this reason, therefore, it should be obvious to any thinking person what untold hardship would be the lot of persons who are being pressed now to build substantial houses on their plots only to find that after the contemplated re-planning, they are ordered to shift to make room for a road, a public building, etc., as the case may be. Granted such persons would be compensated, but nothing can take the place of personal attachment to a homestead or a particular situation.

It is, therefore, very important and necessary that the Commission should refrain from enforcing restrictions in the matter of inferior houses, at least till after the projected re-planning.

I am reliably informed that the Commission is at present seriously considering this question of inferior houses in its Areas, and that the views of the respective Advisory Boards will soon be sought. This move by the Commission is eagerly awaited by the Edendale & District (PHA) Advisory Board.

Nhleli
we"KHWEZI".

Mngane,

Ake ungifakele ephepheni lakho i"Khwezi" izincwadi zami ezimbili. Ekhluma ngosebenzi wokudayisa ngobubhizinisi ko-Kopeletsheni ithande ukuba ibende, yeqile emazwini aNgamakhulu amathathu. Ungayinqamula kabili, ingene kuleli "Khwezi" nakwelizayo.

Owakho,

R. S. MTSHALI.

(Lezi zincwadi ezimbili ezimnandi ezifike nalencwadi ka Mn. Mtshali zifike sesiyidumbile incwadi ezoba yinhloko yezindaba eKhwezini lale nyanga. Sethemba ukuthi eyokuqala yazo soyikhipha ngoMay. -

ADAHLELI.)

Uma ufuna uku joyina i-Edendale Benevolent Society (IBandla laba-Mpofu eEdendale), noma ufisa ukunikela intwana esikhwameni salo, dabula lelipheshana elichafaziwe, ngezansi, ulithumele nencwadi yakho.

JOYINA I
EDENDALE BENEVOLENT SOCIETY
ISIZA IZIMPHABANGA NEZINGANE
ZESIKOLO EZISWELE.

IGAMA :

IKELI :

ISIPHQ : £ : s.: d.

IMALI YOBULUNGU NGONYAKA ul/-.

Tumela lefomu ku:

Mnu. E. S. B. Msimang,
Secretary,
Edendale Benevolent Society,
B. 6, Ashdown,
P. O. PLESSISLAER.

Kumhleli we Kwezi,

Nkosi ngicela keu ngifakele lamazwana ephephe ni lako.

Ngithole iPhepha livela kini, okutiwa iKwezi, ngiya bonga, linto ebifanele ukuba ngabekade

saba nayo, ngiti phambili mawethu. - Angini cele lapha uma nifuna ukuba leli phepha lime livutwe musani ukuncoma imisebenzi eseniyenzile, khulumani ngenizakukwenza, ngoba kukona izicanulo eziningi ezenziwa izisebenzi ze Komishini.

Futi ongati ningane qiniso ninga kheti Bala, na Muntu, uma umuntu engathuki muntu, ifakeni incwadi yake, noma nizwa ukuti iyanihlaba, mhlaumbe ngokwenza njalo kodala ukuzwana.

Yebo lihle leliPhepha kepa alinasitunzi ngoba lifana ne Circular (Sekula cindezelani ngama Taipi (Printing), sizau zama ukukhuthaza abantu ukuba balithande, kube khona imali elithengwa ngayo, asifuni lutho esingayi khokheli (Nothing for Nothing).

Ngobhala zonke izinyanga belu Mhleli uma uVuma, ngiya bonga.

Yimi eJhabulayo,

GEO. MTINKULU.

LETTERS TO IKHWEZI

The Editor,
"IKHWEZI".

Dear Sir,

Having the opportunity of expressing my views to the readers I feel I would be failing in my duty if I did not do so.

We residents must realise that the Local Health Commission, our local governing body, has been appointed by the State and that this Commission has come to stay with us no matter what and how we feel about it.

What is the Commission here for? I most emphatically say for our own improvement and in such circumstances it is the duty of each one in the Area to co-operate and assist this body to improve our own Area.

Often have I come across friends who have bitter complaints about the members of the staff at Plessislaer but I have always disagreed with them. The sooner we realise that these people are here to help us the better for us all.

I have had dealings with the officers on several occasions and I have always found most of them sympathetic and reasonable.

Treat the members of the Commission as friends be it the Health Assistant, the Area Secretary, the Ranger, the Engineer or the Doctor and I am sure you will be happier.

Remember Courtesy begets Courtesy.

Thanking you,

Yours faithfully,

M. R. DEEPLAUL.

The Editors,
THAT the Natal Indian Teachers' Society held its Silver Jubilee Conference in Durban during the first week in July?

The presidential address was given by Mr. B. D. Lalla, who voiced the great need for tolerance and goodwill in a world which is becoming more and more prone to the evils of bigotry and pride. We must, he said, struggle to

UKUTHI iKhwezi selizokhipha izaziso zemisebenzi okufuneka kuyo abaNsundu? Loko kuzovezela abakhe ezifundeni zeBandla leMpilo ithuba elihle lokuba bazi ukuthi zikhundla zini ezingatholakala, nokuba bazifune uma kufanelekile.

UKUTHI incwadi engumongo we-Khwezi lalenyanga liyilotshelwe nguSigele L. H. Brookes? U Sigele Brookes waziwa kulo lonke njengesazi sokufundisa, nanje-ngomkhulumeli ePhalamende, nokuthi ungumlobi wama-buku. Ikakhulu iningi lethu li-mazi njengomuntu ofunde kakhulu ngokuhlalisana kwezizwe ezahlukeneyo kwelase Nyunyana, nokuthi ukwazi kwakhe malunga nokudingwa ngumuntu ophilayo ku Julile.

Siyambonga ngokuxoxa kwakhe ngesibindi udaba lwenhlalakahle ema-Khaya, yeMizi nezi Ngane, udaba olusematheni kuzo zonke izizwe. Kuludaba futhi izakhamizi eziqhamile esezike zalubeka phambi kweBandla leMpilo nga mazwi aqavile.

UKUTHI i-Maritzburg County Indian Football Association ne-Maritzburg District Indian Football Association, ne Maritzburg Football Association kanye ne Maritzburg Coloured Football Association, zisandukuba nomhlangano ziqonde ukuvusa imidlalo yoSosiyeshana walezi zizwe ezahlukenene na?

Phela loluhlobo lwe-midlalo seloku lwayekwa ngezidumo zaBantu namaNdiya ngo 1949.

Kulomhlangano-ke u Mr. R. Dookran uchaze kahle ngenzuzo engavela ngokuqhuba njalo imidlalo yezi-zwe ezahlukeneyo; Kwase kwakhiwa uhlelo lwemidlalo ezodlalwa.

UKUTHI ithimu lothisha bama-Ndiya - i-Natal Indian Teachers' Team lisandukuba nomjikelezo wemidlalo yebhola kwelasezansi ne-Rhodesia, yaphumelela kahle? Liwine imidlalo emine kwemihlanu, lahamba amamayela a-4,000.

UKUTHI i-Natal Indian Teachers' Society ibinomhlangano we Silver Jubilee yayo ngesonto lokuqala ku-July?

Inkulumo yomengameli yakhulunywa ngu Mr. B. D. Lalla ogcizelele ngokuthi kusweleke kakhulu ukubekezela nokuzwana ezweni njengoba sekuvame ubuthakathaka bokuzazisa nokughosha kangaka. Wathi sifanele ukungalahli ithemba lethu, kuhle silwe nesilingo sokwalana ekuhlalisaneni kwabantu bonke.

Ikakhulu kuswelekile impela ukuba abantwana sibakhulise ngomoya wokubekezela nokuzwelana. Loku kuyinxenye yomsebenzi ong-cwele womuntu ofundisayo.

U Krestu wathi njengomuntu ongakabinasono "uMbuso weZulu ungowabanjalo".

"Ugi ngumkrestu kunge ngakuzalwa nangambabathizo", kusho uMn. Lalla, "kodwa loko akungikhubi ekamukeleni iqiniso elimumethwe ngamazwi athi "umbuso wezulu ungowabanjalo", futhi aku ngivimbela ukuba ngi qiniswe ngomlilo wawo ophilisayo".

Kulomhlangano kwemuhelwa imibiko yababhali bamagatsha awo ayishumi ne sihlanu, ekhuluma ngokwenziwe yiwo ngonyaka odlule, njengodaba lwendawo yezingane ezikoleni, imivuzo, ukudla ezikoleni, iziza zezikole, imidlalo, yemibuthiso, nemincele bamagatsha.

Umbiko wombhali uveze ukuthi oThisha bamaNdiya banikele imali e-£125/3/3 esikhwameni sokwakha iKoliji lase Manzintoti - Adams.

LAPHA NALAPHAYA

EDENDALE.

Osilobele ngezase-Edendale uthi "uMn. Bhawanidayer Athwaroo, ofundisa esikoleni i-Mahomedan Oriental School usandukushada! Simfisela okuhle okumhlophe benomakoti wakhe.

Omunye umlobeli wethu usixoxela ukuthi izakhamizi zase Willow-fountain Road ziyalibonga iBandla leMpilo ngokufaka amanzi emathan-

keep our faith and our hope, and resist the temptation to abandon love in human relations.

Especially was it important to bring our children up in the spirit of tolerance and understanding. This was part of the sacred duty of the teacher.

Christ had said of the child, in its innocence, that "of such is the Kingdom of Heaven".

"Neither by birth nor by baptism am I a Christian", added Mr. Lalla, "but this fact has not made me less tolerant to the truth, enunciated in 'Such is the Kingdom of Heaven', nor has it prevented me from being initiated in the fire of its vivifying truth."

The Conference heard secretarial reports from its fifteen branches, covering an account of local activities during the past year, and such general matters as School Accommodation, Salaries, School Feeding, School Sites, Exhibitions, Sports and Delimitation of Branch Areas.

The general Secretarial report revealed that Indian Teachers had subscribed the magnificent sum of £125/3/3 to the Adams College Appeal.

.....oOo.....

HERE AND THERE

EDENDALE.

The wedding of Social Worker Miss Doreen Kambule to Mr. Albert Sikiti of Port Elizabeth was undoubtedly one of the outstanding social events of the month in Edendale.

The Rev. Monson conducted the very simple and reverent ceremony, which took place in the Methodist Church, Georgetown.

The bride, who looked charming in a white period gown of embossed crepe, with flowing net veil, was given away by her uncle, Mr. R. R. Dlomo, of Siyamu. Her retinue of bridesmaids, who were dressed alike in pale blue with butterfly head-dresses and carried pale pink posies, made a delightful background for the bridal couple, and, with the eight male attendants, formed an excellent choir. They sang as the bride entered the church and again during

the signing of the register. Their voices were also heard as the bridal party left the church to proceed to the reception which was held at the bride's home at Siyamu. The small page and flower-girl took their duties very solemnly, and added an attractive touch to the procession. Ikhwezi hastens to add that the bridegroom also, looked very nice on the occasion - though our representative has omitted to describe his attire in the same detail as that of the bride!

A representative of Ikhwezi was privileged to be present at the wedding and to see the large array of presents which testified to the popularity of the bride and her husband.

A large number of relatives, friends and well-wishers were present both at the marriage and at the reception.

Ikhwezi joins with the rest in wishing all happiness to the newly-married couple.

Ikhwezi learns that at the recent annual general meeting of the Edendale and District Recreational Grounds Association, the following persons were elected to office for the new year:-

PatronMr. A. G. Hoch
President.....Mr. E. D. Holden
Vice-President.Mr. R. Marrie
Chairman.....Mr. C. E. Seethal
Vice-Chairman..Mr. P. Radebe
Hon. Secretary.Mr. G.J.B.Ngubane
Hon. Treasurer.Mr. W.T.Sosibo

We are grateful to the Health Assistant Staff at Edendale for their practical interest in the affairs of Ikhwezi. At the suggestion of one of their number, personal copies of the magazine will be sent to them each month in future, for reading and "passing on".

A correspondent writes that "Mr. Bhawanidayal Athwaroo, of

gini aseggumeni kwaMabhulukwana. Ngoba abantu bangakhona bese beqalile ukuthi konje amathangi angenalutho angase abasize kanjani izulu selomisile, bomile?

Amapitsi amanzi aseshile ngenxa yokubalela kwezulu. Uthi futhi ukwephuza ukuletha amanzi kulesi sigodi kubahlalise ngovalo abakhona.

Abanumzane o-C. Seethal no R. Dookran, amaNdiya angamalungu eBodi bacela isikhadlana eKhwezini ukuba bazise amaNdiya ukuthi bayokwenamela ukughuba izicelo nezikhalo zawo e-Bandleni leMpilo uma zilethwa kubo njenga malungu eBodi nanini.

Ikhwezi lizwa ukuthi eWillow-fountain Road sekwakhiwe iholo enkulu engu ngena abantu aba-300. Sizwa ukuthi yinhle kabi ekubukiseni izithombe zempilo ngendlela ye bhayskobo, yinhle futhi njengendawo yomuzi yokubuthanela.

Abafuna ukuyisebenzisa banga cela ku:-

The Secretary,
Plessislaer Arya Samaj,
c/o Sutherlands Tannery.

U Mn. Rooplaal, igagu lokucula kwi-waylense, belidlala khona ngaye lo-July-nje.

Sizwa ukuthi isinedumela i-Plessislaer Indian Tennis Court kulesi sigodi. Khona nga maholide-nje othisha bama-Afrika bake ba thokoza ngokudlala khona ngelinye iviki nabadlali bakhona.

Omunye usilobela ukuthi Umgungundlovu wandulele zonke ezinye izindawo ngokwakhela amaNdiya izindlu e ezi-26 ezansi noBerg Street. Uthi-ke wethemba ukuthi neBandla le-Mpilo lizolandela kanjalo ngokwakha izindlu zokuqashisha (kuma Ndiya) nezokuthengisa, kule-ndawo eyathengiswa kuMabhulukwana (Mr. Giles).

Umshado omkhulu nowabe ubalulekile kakhulu kunemishado eyake yabakhona e Edendale waba ngoka Nkosz. Doreen Kambule obekade eyi Social Worker eshada no Mnu. Albert Sikiti wase Port Elizabeth.

UMakoti waphuma ngeyakhe ingubo emhlophe ehlotshiswe nge Crepe neVeyili enezimbalasi, ekhashwa uMalume wakhe uMnu. R. R. R. Dlomo wase Siyamu. Abaphelezeli bakhe babegqoke ngokufanayo izingubo eziluhlaza okwesibhakabhaka bethwele izigqoko zekhanda okwakungathi zimvemvane, bephelethe izimbhali eziwu phinki, babebahle kakhulu okwenza umthimba wabukeka kahle, bekanye nabaculi abawu 8 besilisa abacula kahle kakhulu. Uthe uma uMakoti engena esontweni bacula nanxa sekubhalwa incwadi yomshado. Kuthe uma umshado usuphuma bezwakala ngengila bephelezela abashadi sekuyiwa la bokwamkelwa khona ekhaya lako Ntombi eSiyamu. Ama Flower-girls awenza kahle umsebenzi wawo awenza umshado wamuhle ngokunye. Ikhwezi liyamncoma uMkhwenyana owabukeka kahle kakhulu noma kambe izevatho zakhe zingabikwanga njengezika-Makoti.

Intatheli ye Ikhwezi yabakhona emshadweni yabona izipho eziningi ezabonisa khona ukuthi uMakoti noMyeni bekungabantu abaziwayo phakathi komuzi.

Abegazi nezihlobo nalabo ababebafisela okuhle babebaningi kakhulu eSontweni nase Khaya.

Ikhwezi nalo liyabafisela intokozo labantu ababili ababeshada.

Ikhwezi lizwa ukuthi kumhlango osanda kubakhona we Edendale & District Recreational Grounds Association kwangena laba ezikhundleni kulonyaka:-

Umsekeli.....Mnu. A.G. Hoch
UMongameli...Mnu. E.D. Holden
Umsizi Wakhe.Mnu. R. Marrie
USihlalo.....Mnu. C.E.Seethal
UMsizi.....Mnu. P. Radebe
UMbhali.....Mnu. G.J.B.Ngubane
USikwama.....Mnu. W.T.Sosibo.

Siyawabonga ama Health Assis-

the staff of the Mohamedan Oriental School, has joined the ranks of the benedict".

In other words - for the benefit of those of us who do not know our Shakespeare! - Mr. Athwaroo has recently married.

Ikhwezi wishes him and his bride "all the best".

The same correspondent tells us that residents living along the Willowfountain Road are grateful to the Local Health Commission for filling up a number of water tanks on Giles's land. People in this vicinity had begun to wonder whether the sight of empty tanks was going to help them quench their thirst!

The water in the wells has dried up and boreholes are failing owing to the prolonged drought. Delay in bringing water to this area, the correspondent adds, is causing great concern.

Messrs. C. Seethal and R. Dookran, the Indian members of the Advisory Board, seek the hospitality of Ikhwezi's pages to advise the local Indian community that they will be happy to make any representations to the Local Health Commission on the community's behalf at any time.

Ikhwezi learns that a commodious hall, designed to seat at least 300 people, has been erected on the Willowfountain Road. We are informed that it is an ideal place for the showing of health-films and also for use as a community centre.

Applications for use of the hall should be made to:-

The Secretary,
Plessislaer Arya Samaj,
c/o Sutherlands Tannery.

Mr. Rooplaal, a leading Indian radio-artiste, put up a successful variety show in the hall during July.

We hear that the Plessislaer Indian Tennis Court is becoming a prominent feature of the Area. During the holidays a number of African teachers enjoyed the better part of a week-end there with the local players.

A correspondent writes that Pietermaritzburg has taken a lead with the erection of 26 Indian houses in Lower Berg Street. He trusts that the Local Health Commission will now follow up by providing economic and sub-economic housing for Indians on Giles's land.

CLERMONT

We congratulate Mr. and Mrs. W. R. Nicol on the birth of a bonny son on the 10th July. Ikhwezi's good wishes to the proud parents and the baby health inspector!

Ikhwezi regrets to learn of the death of Mr. S. Mdimia at Clermont on the 9th July. He had been in the Commission's employ as cemetery caretaker since 1943. To the bereaved we tender our sincere sympathy.

Mr. Johannes Bloose, who left the service of the Commission on the 31st July to take up an appointment at the local post office, was the recipient of a wrist watch as a parting gift from his colleagues on the Commission's staff. Once again we take this opportunity of extending to him our very best wishes in his new sphere.

tant ase Edendale ngokuthakasela kwabo izindaba ze Ikhwezi. Omunye wabo weluleke ngokuthi omunye nomunye wabo kabolithola iphepha ukuze athi uma eselifundile aledlulisele kwabanye.

CLERMONT

Siyababongela omnu. no Nkosk. W. R. Nicol ngendodana abayithole ziu 10 ku July. Ikhwezi libafisela abazali nayo ingane yeHealth Inspector okuhle kodwa.

Ikhwezi liyadabuka ukuzwa ukuthi uMnu. S. Mdimba wase Clermont kasekho. Ushone ngomhla ka 9 ku July. Soloko kwaba ngomnyaka ka 1943 engumbheki wamangcwaba phansi kwe Khomishoni. Siyezwelelana nezihlobo zakhe.

Njengoba uMnu. Johannes Blose esephumile nje kumsebenzi weKhomishoni kuthi ngomhla we 31 July aye-kade esebenza nabo bamupha iwashi lesandla bemvalelisa ngoba eyothatha umsebenzi wokuphatha iposi. Siyaphinda ukumfisa okuhle njen-goba ezothatha umsebenzi omusha nje.

WASCHBANK

uMnu. Fred E. Mqadi, ongumabhala weLocal Health Commission (kuhlangothi lwehovisi) usathathe ikhefu lenyanga. Kuthe kanti kuhlangabezana nomnikelo wendlu yeSonto lamaAfrika eKlippoort (Etholeni) lapho inxenye yekhefu lakhe ayidle khona esiza kumsebenzi omkhulu we-Bandla lamaAfrika. Kuzwakala son-gathi abantu ababekhona babengaphezulu kwezinkulungwane ezimbili bazo zonke izizwe bephuma kulolonke le-Nyonyana nase Rhodesia ababehlangene ukuzovula indlu okwaba ngomhla we 13 kuJuly. Umongameli uMfu. L. M. Makhoba ohlala eJozi uyena omkhulu. Izinsukwana ezisale ekhefini lakhe uMnu. Mqadi wozichitha eDurban nase Estcourt.

uMnu. C. D. Mngadi ongomhloli wezempilo eEdendale, wedlula ngase Waschbank eya eTholeni ukuba aze abekhona naye uma kuvulwa indlu yamaAfrika.

uMnu. Barney Nyembezi B.A., ongutisha wezingane wase Edendale naye wabe eyobona uma kwembulwa intshe lika yiseMkhulu ongasekho uMfu. Nyembezi eEtholeni ngoJune. Uthe uma esebuyela e-Mgungundlovu wedlula ngaku "Thath' ufak 'esakeni".

uMnu. Ambrose Vezi ongutisha omkhulu wase Howick ikhefu lakhe ulidle nomuzi wakhe ekhaya e-Pomeroy. Yena noNkosk. Vezi basanda kubusiswa ngokuthola intombi. Wabonakala lapha emnu. Vezi ehamba ngezamabhizinisi.

uS/N. Constance T. Khoza wak-wa Makhodo eDurban uzothatha ikhefu nezihlobo sakhe lapha awo-Mnu. noNkosk. F. E. Mqadi.

uMnu. P. H. Gcabashe ongutisha omkhulu wesikhole sakwaHulumeni eRuigtefontein usebuyile eKingsley la ekhefu lakhe alithathela khona. LoMnu. Gcabashe ungumbhali weAdvisory Board lapha.

uMnu. Solly S. Nyandeni ongutisha omkhulu we Waschbank Government School kabanga nako yena ukusuka lapha ngenxa yokusindwa umsebenzi wokulungiselela phela isikhathi esilukhuni ezikoleni sika Disemba.

uMnu. Wesley F. Madela ongutisha eWaschbank Government School uyena okwathi uma uMnu. Mqadi ethatha ikhefu lakhe wayokumbambela ehovisini leLocal Health Commission.

uNkosk. T. P. Mngadi wathi qu ngase Goli eyobona izihlobo. Usebuyile.

uMnu. Gilbert Hlongwane, oyi-

We have to thank "Thath' ufak' esakeni" for this month's budget of news from the Area.

We note that he may retire from soccer at the end of the season. We trust it will be a long time, however, before he retires from his service as local correspondent of Ikhwezi!

He writes:-

" Mr. Fred E. Mqadi, a clerk in the Local Health Commission's offices (Administration Department) is on a month's holiday. Part of his holiday was spent most usefully indeed assisting in the preparations for the dedication of the African Congregational Church of South Africa at Tholeni (Klippoort) where, it is estimated, over two thousand people of all races from all the different parts of the Union and the Rhodesias, gathered to witness the official opening ceremony on the 13th July. The Right Rev. L. M. Makhoba who lives in Johannesburg is the Superintendent-General. Mr. Mqadi intends to spend the latter part of his holiday in Durban and Estcourt, respectively.

Mr. C. D. Mngadi, a Health Inspector at Edendale, passed through Waschbank on his way to Tholeni for the official opening ceremony of the African Congregational Church.

Mr. Barney Nyembezi B.A., a school-teacher at Edendale, attended the service of the unveiling of his grandfather's tombstone (the late Rev. Nyembezi) at Tholeni in June. He called on 'Thath'ufak' esakeni' on his way back to 'Maritzburg.

Mr. Ambrose Vezi, a Head-teacher at Howick West, spent his holidays with his family at his home (Pomeroy). Mr. and Mrs. Vezi have recently been blessed with a bonny lass. Mr. Vezi was seen here where he had some

business matters to attend.

S/N. Constance T. Khoza, of McCord's Zulu Hospital, Durban, is spending her leave with her relatives Mr. and Mrs. F. E. Mqadi.

Mr. P. H. Gcabashe, head-teacher, Ruigtefontein Government Native School, is back from Kingsley where he spent his holidays. Mr. Gcabashe is also Secretary of the Advisory Board here.

Mr. Solly S. Nyandeni, head-teacher, Waschbank Government Native School, could not afford to leave his school precincts due to pressure of school work. He was busy preparing for the hard times coming ahead in December.

Mr. Wesley F. Madela, a school teacher at the Waschbank Government Native School, temporarily substituted Mr. F. E. Mqadi, as clerk at the Local Health Commission's Administration Department.

Mrs. T. P. Mngadi took a flying visit to Johannesburg to see her relatives. She has since returned.

Mr. Gilbert Hlongwane, senior police constable (African section) is away on holiday. He is spending his holiday with his family at Bergville.

Our prayers this month go to

phoyisa elinamaqhuzu ngaso hlan-
gothini lwaBantu usayo phumula.
Uye ekhaya kubo eBergville.

Kulenyanga sithandazela awo Nkosk.
Martha Shabalala noNkosk. Esther
Mtimkulu esoloko balala phansi uku-
sukela ekuthwaseni konyaka. Sen-
gathi bangalulama babe nako uku-
hamba babonwe izihlobo njengoba be-
benza.

Kuzwakala sengathi u"Thath' ufak
'esakeni" usefuna ukuyeka ukudlala
ibhola ekupheleni kwawo lonyaka
webhola. Njengoba kwazeka u"Thath
'ufak 'esakeni" uyiGoalkeeper nomb-
hali wama Roses F. C. kwelisenhla
neNatal. Kunuka santungwana sen-
gathi usefuna manje ukudlala i-
tennis. "

uMnu. P. B. Mtimkulu usebuye
futhi wabhala enye incwadi elanda
ngomsebenzi weHealth Assistant.
Ngenxa yokunciphelwa isikhala sida-
buka ukuthi kayizuphuma kuleli.
Sethemba yophuma ngelika September.

HOWICK WEST

Umbhaleli ubhale ekhala ngama-
khaza kulesigodi abekhona kulo-
busika okuthe uma lenyanga iqaleka
kwathi akulo lonke leli lase Natal.

Ukhahlamba nezintaba zase Ntaba-
mhlope zivama njalo ukuyi thela i-
Howick ngamakhaza, ikakhulu uma
umoya uqhamuka ngakuzo.

Siyabadabukela abantwana besi-
kole abaphuma emakhaya ekuseni be-
hamba phakathi kwamakhaza angaka.
Kasithandabuzi ukuthi bona kanye
nabadala sebefisa songathi ihlobo
lingethwasa bathole ukufudumala.

.....oOo.....

ABANTWANA BESIHLAHLA BABANGWA-
YINI. IKHAMB IALOWO MONAKALO
KUNGABA YINI.

Izingane zesihlahla zingenye ye-
zinkinga ezifundeni zeBandla le-
Mpilo namhlanje, eqinisweni kuzo
zonke izindawo ezisemaphethelweni
amadoloba kulo lonke leNyunyane.

Ngakoke, noma kulukhuni ukuluxoxa
loludaba, ngiyalemukela ithuba en-
gilinikwa ngu Mhleli ukuba ngi-
lobele iKhwezi ngalo ngokuthi
loludaba luwaphethe kanjani ama-
Afrika.

Amaqiniso ngalo ahlasimulisa
umzimba; uma kulingariswa isi-
balo sobuningi esilotshiwe kule-
minyaka enadolobeni amathathu
amakhulu, iningi labakhi bakhona
okunga ma-Afrika kakhulu, sikhom-
ba ukuthi kuleso sikhathi imi-
lanjwana kayizange ibengaphansi
kwamashumi amane ekhulwini lezin-
gane ezizelwe zabhalwa, ngesinye
isikhathi lemilanjwana ize yeqa
naku hafu wabazelwe, sebebonke.
Lezi zibalo zinyantisa umzimba;
si fanele ukuba namahloni ngazo,
ikakhulu njengoba bengabalwa ngo-
kuthi bangabesihlahla abazalwa
ngabantu asebahlala nomkabo,
iminyaka eminingi njengomfazi
nendoda, noma loko kuganana okun-
jalo kungaphandle komthetho wesi-
lungu nowe-siZulu. Ngenye indle-
la, oku ukuthi ukuganana okungaha-
mbanga ngendlela eyaziwa emthe-
thweni kuphela nje, lapha aban-
twana balolo hlobo babalwe njen-
gabantwana abazalwe ngomthetho,
yilabo kuphela abangabo-kuthathana
kwanamuhla kuyasa sekuphelile,
ababalwa njengabesihlahla.

Into yokuqala efanele ukwen-
ziwa wukubheka amaqiniso emehl-
weni. Angeze azitshwa, kuyi-
lapho futhi kungekuhle ukufihla
inana, nokubiyelela. Ukuzalela
emakhaya kwamantombazana kuyi
nkinga ehlekeza ikhanda empilweni
yabantu. Kuyinto enkulu ukuba
sibazi kahle bonke ububi noku
bubheka emehlweni ukuze sikwazi
ukubulungisa.

Khona lapho asingahlangabe-
zani nalenkinga ngo moya wokuthi
noma kunga lungile kulungile,
kodwa kube ngomoya wokuthi noma
kukubi kuzolunga. "Akusiko
okwethu uku qalekisa, okwethu
wukusindisa".

Siyabona ukuthi ukususwa ngo-
kuhlwithwa enhlalweni yethu yase-
makhaya, siyiswe emadolobeni,
silahle imkambiso yasemakhaya
neyamasiko kuyinguquko enkulu
kabi. I-Edendale endala, uma
silinganisa, yayihlangene emi-
yakeni engamashumi amathathu
edlule. Ukuthuthekela kwabantu
e-Edendale kulesi sikhathi semin-
yaka engako seku kuchithile loko
kuhlangana (nanxa sekuqala uku-
bangcono futhi kancane); bese
kwenze ukuba kungabe kusabakhona

Mrs. Martha Shabalala and Mrs. Esther Mtimkulu who have been laid up since the beginning of the year. We wish they regain their health and move about, as they did, among their friends.

Rumour has it that "Thath 'ufak 'esakeni" intends to retire from soccer at the end of the current season. "Thath 'ufak 'esakeni", as is well known, is the goalkeeper and secretary for the Roses F. C. of Northern Natal fame. It is learned from reliable sources that he intends to concentrate on tennis."

Mr. P. B. Mtimkulu has kindly contributed a second article dealing with the work of a Health Assistant. Unfortunately, owing to pressure on space, we are unable to publish his contribution in this month's issue. We hope to print it in our September number.

HOWICK WEST

A correspondent writes that the Area has experienced great cold during the spell of sharp winter weather which gripped the whole Province at the beginning of the month.

Snow on the Drakensberg and on Ntabamhlope always has a great effect on Howick West, especially when the wind blows due east.

We are sorry for the school-children whose early-morning start means a walk through the bitter cold. We have no doubt that they (like most of the grown-ups) are longing for the warmth of summer.

.....oOo.....

ILLEGITIMACY : ITS CAUSE AND CURE

Illegitimacy is one of the most difficult social problems in the Local Health Commission Areas today and, indeed, in peri-urban communities throughout the Union.

Thus, hard though it is to discuss it, I welcome the opportunity which the Editor has given me to write in "Ikhwezi" about it as it affects the African people.

The facts are alarming enough. For example, figures over the last three recorded years in respect of two large, predominantly-African centres show that never, during that period, were the illegitimate births less than 40% of the total births registered, and in one instance, they were more than half the total. These are appalling figures, of which we should be deeply ashamed, especially as they are based on definitions which treat as legitimate all children born of stable unions and living in a home with their parents, even though these unions are not strictly marriages either under European or under Zulu customary law. In other words the children of unions which are merely irregular are counted in these statistics as legitimate, and only the children of unions which are in no way permanent are counted as illegitimate.

The first thing to do is to face the facts. They are not to be explained away nor is it any good to suppress the figures or to get defensive about them. Illegitimacy constitutes a major social problem. It is important to know and to face the worst if we wish to work for better conditions.

At the same time we must approach this problem not indeed as suggesting that wrong is right but as accepting that wrong is easy. We came "not to condemn, but to save". We realise that the sudden change from an ordered tribal society, with its own rules and its own means of enforcing them, to the individualism of these peri-urban areas is an immense one. The old Edendale, for example, thirty years ago was a unit. The influx of population during the last three decades has destroyed organic unity (which is only now beginning to be built up again slowly) removed all standards of public opinion and left isolated individuals and families, for whom until very recently, no one took responsibility and about whom no one cared. It is these circumstances which explain the condition of moral anarchy prevailing among a normally decent, conservative, law-

lizwi okungathiwa ngelomuzi, abantu sebezimele ngabodwana nje, abantu abanganakwe muntu. Yilesi simo-ke esichaza ukuphela kwesimilo sobuntu emzini obuziphethe ngesizotha nokuhlonipha umthetho.

Iyona-ke lenkinga esibhekene nayo. Kumelwe ukuba ixazululwe ngoba inkulu ingozi yobuvezandlebe. Iyasehlisa isifazane. Abantwana abanjalo kababe besaba nabani obabhekayo ngo thando nesibonelo esihle sikayise ebuncaneni babo. Kodwake, okubi kunako konke wukuthi kubulala izimpande zobuntu bendoda ngoba umuntu ozala ingane qede bese eyenza umthwalo kanina, angayondli, ayikhulise, uzidumaza kangangoba kulukhuni ukuthi umuntu angathi lowo onjalo ungowesizwe esiqotho samaqhawe, sakwaZulu, nokuthi ukanye nabantu abondla abantababo. Kuningi okubi esizwa ukuthi kwenziwa kuZulu, kepha akukho okunganga lokhu okwenziwa ngamadodana aso kuso isizwe sakwaZulu.

Singakulungisa kanjani-ke loku? Okokuqala kuswelekile ukuba kwaziwe ukuthi ukuziphatha kahle malunga nesimilo somzimba akwahlukene nempilo yonke yomuntu. Konke okukhuthaza ukuzihlonipha komuntu kuyamakha, kanti oku qunda loko kuyakuqeda, kumehlise. Isimilo sikanye nako konke okuthintana nomthetho, nenhlalakahle, nokufuna umcebo, nokubuswa kwezwe. Kungasiza uma kekuthi ukuguqulwa izinto ezithile emthethweni - njengokuba uke uyekwe ungasebenzi emadolobeni nasemaphethelweni awo lomthetho waBantu bodwa - i-Native Code kuqiniseke umthetho wokuvikela abantwana kulezondawo, bese kuthi amantombazana akhululwe ukuba ashade, angabanjezelwa izinyanga eziningi kuloku kuthiwa kulindwe umphathi ukuze avume. Ubuphofu nezindlu ezingamafuku, notshwala, yiko konke loko okubanga ubuvezandlebe obuningi kangaka. Ngakoke yonke imizamo yokulungisa ukuba kuhlalwe kahle kwelase-Edendale nase Clermont kuzosiza ukunciphisa ubuvezandlebe. Kodwake loku wuhlangothi lunye-nje. Ukusola abanye ngako konke akusiyisi - ndawo. Ziningi izinsizwa ezilibele wubugagu bokusola abanye, bekuyilapho zona qobo lwazo zibandisa ubuvezandlebe. Amaqiniso ayakuphika ukuthi ukuziphatha kabi kungaphela uma kuphele ubuphofu nobandlululo, noma bonke abantu benikwa ivoti. Lezi zinto zona zilungile ngokwazo, ngethemba ngempela ukuthi ukuqhubeka kwa maAfrika onke kungathi ukulinciphisa inana labantwana bezihlahla. Kodwa ubuvezandlebe

bukhona nakwabangaswele lutho, abanawo onke amalungelo. Makube sikhona esinye isizathu. Okudingekayo wubuqotho obungavela kulowo nalowo ngamandla ka Nkulunkulu. Kakho omunye ongasiza kuloku, nguze umuntu uqobo lwakhe. Eminye imishini lapho kusetshenziswa khona ilengisa ngaphandle isaziso solaka esithi, "Musungena! Kushiwo kuwe!"

Ngithi masithi sihlanga - bezana nalenkinga lamagama abesezinhliziyweni zethu.

Kakho ongalwa nobuthakathaka benyama yedwana-nje. Kudingeka umusa ka Nkulunkulu, kuthi isipho sakhe lesomusa kufezwe ngasintando yakhe, hayi ukuzithokozisa thina ngokwethu nje.

Loku kungehlukaniswe nempilo yomuntu iphelele. Kufuneka uthando neqiniso, namandla. Siye sizixhamele indima, kodwa sehlu-leke ukuyilima ngenxa yokweswela amandla. Nokho-ke ngenye indlela kuyadingeka ukuba sizibekela umgomo, umgomo esizogxilisa amehlo ethu kuwo. Lowo mgomo ufanele ukuba ube yinhlalakahle yasekhaya, lapho umnumzana ewenzayo umsebenzi wakhe, enguyise womuzi nge mpela, nalapho owesifazane eziphatha ngokuzihlonipha, agwemele izinkanuko, enzela lengane engakazalwa; lapho ingane ikhulela emehlweni kayise nonina ekhaya eliyakhayo. Yiwona lowo mgomo-ke ama-Afrika akhulayo afanele ukuzimisela wona, njengoba efuna amalungelo kwezombuso, nemfundo, nomcebo, noma ukuhlonipheka kuleli lakithi. Akudingeki nokuba umuntu aze acele imvume yeziphathimandla ukuba enzenjalo; kungumgomo ongehlwithwe muntu kuwe. Emqondweni wami loku kungumgomo weqiniso, kanti futhi ku yisinyathelo sokuqala ekwakhiweni kwezizwe, nasenqubekweni. Masikuhlanganyele, sikuvelela nhlangothi zonke, size si phumelele.

EDGAR BROOKES.

.....oOo.....

Mhleli,
IKHWEZI.

Ngibonga isithuba nesikhala ephepheni lakho Ikhwezi. Okona ngithanda ukukuveza ukuthi emhlanganweni weAdvisory Board kuthe okhethweni olusha luka 1950 ngo-June abebephetha izihlalo oMtshali, Sibisi, noCele babuyiselwe bonke

law-abiding people.

This then is the problem which we have to face. And faced it must be, for illegitimacy does much harm. It debases the standard of womanhood. It deprives the children of the care, discipline, love and example of a father during their early years. Worst of all, it strikes at the very roots of manhood, for a man who begets a child and then leaves the mother to struggle alone without his moral and material support, has cheapened his manhood to such a point that it is difficult to think of him as belonging to the same race as the proud Zulu warriors or to the same category as any man who works for his wife and child. We hear a lot of the wrongs done to the Zulu race, but no wrong is so great as this which its own sons inflict upon it.

How then are we to put things right? It is necessary in the first place to recognise that sexual morality cannot be separated from life as a whole. All that encourages self-respect fights for it, all that discourages self-respect fights against it. The moral question is intimately linked up with legal, social, cultural, economic and even political questions. There are legal changes which would help, such as the suspension of the Code in these peri-urban areas and the enforcement of the Children's Protection Act therein, and a general emancipation of girls to enable them to marry where necessary without having to wait months or years for a guardian's consent. All creative cultural activities are good. Boredom is a good preparation for the unhealthy excitement of immorality. Poverty and bad housing and drink all make their contributions to the illegitimacy figures. Therefore every movement which improves conditions of life in areas like Edendale and Clermont is a direct contribution towards fighting the problem of illegitimacy.

But this is only one side of the picture. Blaming it all on to other people does not get one very far. There are too many young men about making eloquent speeches as to how this problem is all somebody else's fault while contributing their own quota of illegitimate children to the total in their spare time. Facts disprove the theory that immorality will be cured if poverty is abolished, social discriminations ended

and everyone given a vote. These things are, indeed, good and sound ideals in themselves, and I honestly believe that the general advancement of the Africans would in fact lower the illegitimacy rate. But immorality is found even among men and women whose income is high, whose culture is undoubted, and whose social and political status is assured. There must be something else to it. And that something else is the moral victory which, by God's help, can be achieved in individual lives. This is a matter which ultimately no one else can solve, and which devolves on the individual African himself. Some factories have a rather aggressive notice outside their plant "Keep Out. This means you." and I suggest that we should have these words in our hearts as we face this problem.

No one can fight the abuse of the sex instinct alone. The grace of God is indeed needed that this which is His gift should be used according to His will, and not just for our own passing pleasure or satisfaction. Nor can it be isolated from the rest of life. It is a unified life of love and truth and strength which is needed. We set up standards and fail because we are not strong enough to reach them. None the less there is a sense in which we can and must set up standards - fix something at which we can aim. That something surely must be a sane and happy family life where the man does his part as a companion, a worker and a fighter, and is a true husband and father; where the woman is true to her husband, and where she has too much self-respect to sacrifice herself and her unborn child to a passing lust; where the child grows up with father and mother in a home that can bring the best out of him. This is an ideal that young Africa should strive for, no less than for political rights, education, greater economic standards, or a higher place in South African society. This is an ideal that you do not need the permission of any authority to attain, an ideal that no one can take from you. This is, in my belief, both a valid ideal in itself, and also a stepping stone towards national rehabilitation and progress. Let us fight for it together, from the outside and from the inside, until it is attained.

ngoba iBodi ibone ukuthi kufanele baqhube futhi kulonyaka kuze kube ul951. Qhuba ke wena wakwaHlabangane ungazikhukhumezi ngoku hlahlame kwakho. Engikuthokozelayo ikuba izakhamuzi zithanda ukubika izikhalo zazo kuDokotela womuzi. Loko kukhombisa ukuthi sifuna odokotela abazohlala nathi eduze.

Yimi owakho Mhleli,

S. G. KATIDE.

.....oOo.....

JOYINA I
EDENDALE BENEVOLENT SOCIETY
ISIZA IZIMPHABANGA NEZINGANE
ZESIKOLO EZISWELE.

IGAMA :

IKELI :

ISIPHO : £ : s.: d.

IMALI YOBULUNGU NGONYAKA ul/-.

Tumela lefomu ku:

Mnu. E. S. B. Msimang,
Secretary,
Edendale Benevolent Society,
B. 6, Ashdown,
P. O. PLESSISLAER.

.....oOo.....

INQAKU

Dr. W. R. FYVIE

Leliphepha leIkhwezi beselishicilelwa ngesikhathi kuzwakala umbiko obuhlungu wokuthi uDr. Fyvie kasekho obekade esebenza phansi kweLocal Health Commission leminyaka emithathu eyedlule.

Kulesosikhathi ubekade enguMsizi kaDokotela eClermont kwathi ekugcineni wabase Edendale. Kulezinyanga ezimbalwa ezedlulile ubesese-Hovisi elikhulu eyisandla sikaDokotela weMpilo.

Izakhamuzi zalezigodi zombili - iziguli, umuzi nalabo akanye nabo emsebenzini - bomkhumbula ngolwazi

lwakhe olukhulu, nomusa wakhe nokuthanda ukuncokola.

uMnu. Boshoff, okunguyena sandhla sikaSihlalo we Khomishoni, ukhulume lamazwi okudumisa owakhu-luma kumhlangano wekhomishoni ongosuku ashone ngalo, wathi:

" Ngokufa kuka Dr. Fyvie iKhomishoni ilahlekelwe ngomunye wezisebenzi zayo eziphambili ebezibalulekile kakhulu, kanti nabantu abakulezigodi balahlekelwe umhlobo wabo omkhulu. Isineke sakhe nesimilo esigcwele ithando, amateku akhe nomoya ohlala othokoza njalo kumenze athandekwe kubantu; ulwazi lwakhe olukhulu lwenze ukuba ahlonipheke, athenjwe athandwe yibo bonke ababenokwenza naye.

iLocal Health Commission kanye nomphakathi wayo izwelana kakhulu nomuzi wakhe kulolusizi olungaka."

Siyazi ukuthi Ikhwezi lisho okusezinhliziyweni zabo bonke nazo zonke izizwe uma lizwakalisa ukuzwelana nomuzi uka Dr. Fyvie. Sifana nabo bonke abalahlekelwe ngokusithela kwalepdoda.

The Editor,
IKHWEZI.

Sir,

I am thankful of the opportunity and space in the columns of your famous Ikhwezi magazine.

I wish to report that at the meeting of the Advisory Board when the election of the office bearers for the ensuing year 1950 took place, Messrs. Mtshali, Sibisi and Cele were respectively returned unopposed to their former positions of Chairman, vice-Chairman and Secretary. The Board deemed it fit that they continue in office till 1951.

I offer congratulations to Hlabangana (Chairman's praise name) for the honour bestowed to him and pray him not to be egotistical about it, but his capacity for leadership should manifest itself. What I am pleased about is that the majority of the residents are prone to report their ailments to the Medical Officer of the Area and this proves that we need doctors whose residences are in our vicinity.

Yours,

S. G KATIDE.

Clermont Area.

.....oOo.....

JOIN THE
EDENDALE BENEVOLENT SOCIETY
for
POOR AFRICANS and NEEDY SCHOOL
CHILDREN.

NAME :

ADDRESS :
.....

DONATION : £ : s.: d.

ANNUAL SUBSCRIPTION : 1/-d.

Send coupon to:-

Mr. E. S. B. Msimang,
Secretary,
Edendale & District Benevolent,
Society,

B. 6, Ashdown,
P. O. PLESSISLAER.

FOOTNOTE

Dr. W. R. FYVIE

This number of Ikhwezi had already gone to type when we heard the sorrowful news of the death of Dr. Fyvie, who for the last three years had been in the service of the Local Health Commission.

During that time he had been Assistant Medical Officer of Health at Clermont and later at Edendale, and for the last few months had been stationed at Head Office as Deputy Medical Officer of Health.

Residents of both these Areas - his patients, his public and his colleagues - will remember him for his skill, his kindness and his unfailing sense of fun.


Mr. Boshoff, Deputy Chairman of the Commission, paid tribute to his memory at the Commission's meeting on the day of his death.

"In the death of Dr. Fyvie", Mr. Boshoff said, "not only has the Local Health Commission lost one of its most valuable senior officials, but the people in the Areas have lost a very dear friend. His patient and loving nature, his ready wit and cheerful spirit endeared him to all; and his outstanding ability gained for him the respect, the confidence and admiration of all those that he came into contact with.

The Local Health Commission and staff extend to his family their deepest sympathy in their sad bereavement."

We know that Ikhwezi speaks for all persons and races in the Areas when it offers its deep sympathy to Dr. Fyvie's family. We share with all who knew him a deep sense of loss at his passing.

.....oOo.....



Prepared and published by the Head
Office of the Local Health Commission,
Natal, 195, Longmarket Street,
Pietermaritzburg.

13 SEP 1950

A LETTER TO OUR READERS

In the March issue of Ikhwezi we published an article on "SELF-HELP" by Mr. R. R. Dlomo; and the editorial in our June number dealt with "DOING".

A speaker at a recent conference used a current English phrase which means just the opposite of these things. People, he said, should not sit back and expect the things they wanted to be handed to them "ON A PLATE". This is a very common saying nowadays - and the attitude of mind which it describes is unfortunately also very common. It conveys the idea of wanting everything made easy - of sitting back, waiting to be given a benefit we have not striven to secure - of expecting to reap when we will not exert ourselves to sow.

As individuals, it is certain that most of us are guilty of this outlook at some time or another. It is even more serious when whole classes of persons - whole communities or race-groups, for instance - give way to it.

The advance of science has made a lot of things easier for a lot of people. Trains, buses, cars and cycles make it easier to get about. Newspapers and the wireless make it easier to keep oneself informed. Free health-services make it easier to keep well. And so on.

Perhaps this is why so many of us are beginning to want everything "made easy". We have begun to forget that everything worth having is

worth striving for; and to resent the need to exert ourselves and make the most of our own opportunities. We are inclined to let our true strength rust through disuse while we wait to be given what we want - and then to grumble when we do not get it. Our forebears strove for civilisation, learning, freedom and all the other privileges which we prize. If we, their descendants, wait to receive them ON A PLATE, then - whatever our racial stock - we are betraying the pride, the spirit and the traditions of our fathers.

Before we examine ourselves and our community and race-group in the light of these ideas, let us look for a moment at two shining examples of "SELF-HELP" and "DOING", drawn from two different race-groups and two different centuries.

In the early days of the 19th century, the poorer classes in Scotland - for the most part small peasants and farm-labourers - were very poor indeed. Porridge was their staple food: their dwellings were rough, simple cottages or huts. They had little learning, little comfort, little money, and they lived lives of toil and hardship. But, as a class, they were distinguished by their deep respect for learning and their great belief in education. They were determined to secure for their children the advantages which they believed to lie in knowledge and the cultivation of the mind. There was no "FREE" education in those days, to make this thing "easy" for them. Their children

INCWADI YABAFUNDI BETHU

Ekhwezini lika-March sifake incwadi ekhuluma "ngokuzisiza", eyalotshwa ngu Mn. R. R. Dlomo; kwase kuthi ngo-June incwadi yaba-Hleli yakhuluma "Ngokwenza".

Omunye owa ekhuluma emhlanganweni osandukuhlangana wakhuluma ngesiNgisi sanamuhla amazwi asho okuphambene naloku esesikusho ngenhla. Wathi abantu kabafanele ukuqhiyama balinde ukuthi izinto abazifunayo bozilethelwa "ngesithebe". Lelizwi selivamile kulemihla - nomqondo eliwuchazayo kuyadabukisa ukuthi nawo usuvame kakhulu. Emqondweni lidala umoya wokufisa ukuba konke kube lula - sibe nomoya wokuqhiyama; sifune ukuzuza esingakujulukelanga.

Njengabantu ngabanye, kuliqiniso ukuthi abanengi kithi bake babenawo lomoya. Kuba kubi kweqe uma isigodi sonke noma uhlobo lwabantu lonke lula nawo lomoya.

Ukuthuthuka kolwazi sekwenze izinto zabalula kwabanengi. Izitimela, amabasi, izimoto namabaysikili sekwenze kwabalula ukuhambayonke indawo. Amaphephandaba nowayilense kwenza ukuba umuntu azi kalula ngokwenzeka ezweni. Amakliniki elapha ngesihle enza ukuba impilo ibenhle njalo.

Mhlaumbe yikho nje okubanga ukuba iningi lethu selifuna ukuba konke "kube lula".

Sesikhohliwe ukuthi yonke into okufanele umuntu abenayo idinga ukusetshenzelwa; singakwenameli ukujuluka nokusizakala ngamathuba ethu. Kasiwasebenzisi amandla ethu aze aphele, siloku silinde ukuphiwa esikuswele - bese sisola uma si ngakutholi. Obabamkhulu bayizamela impucuko, nemfundo, nenkululeko nazo zonke lezizinto esizazisa kakhulu. Uma thina bazukulu babo, silindele ukuba loku kuze kithi ngesithebe - noma singaba ngabasizwe sini, sihleba umoya nenkambiso yawokhokho.

Singakazihlolisisi thina nesigodi sakithi nesizwe sakithi malunga nalomqondo, ake sithi ukubheka izilinganiso eziqhamile "Ngokuzisiza" "ngokwenza", ezithathwe ezizweni ezimbili ezahlukeni, ezikhathini ezahlukeni.

Endulo, ngesikhathi kubusa u-Shaka kwelakwaZulu, phesheya ezweni leziKoshi abantu bakhona ababephila ngokulima, babempofu kabi. Ukudla

kwabo kuyiphalishi; izindlu zabo ukungama Khobolwana angakhekile nakahle. Benemfunjwana engasho lutho, bephila kanzima. Kodwa babeqhame ngokwazisa kwabo imfundo kakhulu. Babe zimisele ukunika abantababo amalungelo ababekholwa ukuthi atholakala ngemfundo, nomqondo oshukiwe. Yabingekho imfundo "engakhokhelwa" kulezon-suku, ukwenza loko "kubelula".

Abantababo babehamba ngezinyawo, bevuka kungakasi, bake ba sebenze emasimini isikhathi eside kanduba baye esikoleni, behamba emakhazeni, emvuleni nase qhweni. Babefunda kusihlwa emakhaya ngezibani, ebusika kumnyama. Befundela endlini okuhlalwa kuyo, noma ekhishini.

Kwakungelula ukufunda kwabo kuleyomihla - eqinisweni kwakunzima kunokwabaNsundu baleli lase-Union namhlanje. Loko kwakubangwa wukuzimisela kwabo ekufuneni ulwazi, begongelela izindibilishana zokugcina ukuze ba thenge izincwadi zokufunda, bangakunaki ukulamba, ukukhathala, nokugoka amanikiniki, uma bengathola imfundo nje.

Isiphetho kwaba ukuthi izimpofana zeziKoshi zabatshazwa ngemfundo yazo kwelamaNgisi, nase Yuropa yonke. Abantwana beziKoshi zasemaplazini baba ngodokotela bokwelapha, nabomthetho nabevangeli, nezinye iziqu ezi njalo. Leso sizukulwane zeziKoshi zasemaplazini ziyoloku ziyi sibonelo sempumelelo engavela ngokuzinikela entweni.

Kuleli lase Nyunyana mamuhla, uMaAfrika okuyikhona ephuma esikhathini sokuphila ngemfuyo nangezinyamazane; neningi labaNsundu lisempofu, naye ubonile ukuthi imfundo yinto ephambili ekuhlangabezaneni kwakhe nempilo yabavela phesheya. Kubelufifi kusaqala, ukufunda kuyinto enkulu ngokwako-nje.

Ekhulwini leminyaka ngaphambu kwaMaAfrika, iziKoshi ezimpofu nezi phila ngokusebenzela ezinye, zalingiswa ngamaAfrika ngokufunela abantababo imfundo. Umphumelake ube yimizamo nempumelelo uMaAfrika angaziqhenya ngayo. AmaAfrika azalwa ngabantu abangafundile neze, nabampofu, afunde aze athola iziqu zobudoketela bemfundo, nokwelapha.

UMaAfrika oyindodana yomuntu ongafundile usandukuphumelela

- barefoot and shabbily clothed - had often to rise long before dawn to put in hours of hard work on the holding before trudging to school through cold and rain and snow. Their studies had to be done by candle-light in the dark winter evenings, in the family living-room or the kitchen.

Their circumstances of their schooling were, in fact, no easier - and, in many cases, harder - than the circumstances of many non-European children in the Union to-day. But, behind them lay the tremendous drive of their determination to gain knowledge - a determination backed by their willingness to work, to scrape their last pence together to pay for school-books, to ignore hunger, fatigue and ragged clothing, so long as they could reach their goal of learning.

In the result, the learning of the Scottish poor became a byword in the British Isles and indeed in Europe. Children of Scottish peasant homes became doctors of medicine, of law, of theology, and so forth; and that generation of Scottish peasant-parents had set, for all time, an example to the world of what can be achieved by ambition when the willingness to make an effort lies behind it.

In the Union of South Africa, in the 20th century, the African, emerging from the pastoral, hunting stage of racial development - and with the overwhelming bulk of the people at poor peasant level - recognised in his turn that African education was the first and most important answer to the impact of Western civilisation on his race. Dimly, at first, and then with increasing clearness, he began also to perceive that learning, for its own sake, was greatly to be prized.

